UMNYANGO NGAPHAKATHI KOMNYANGO

. . . futhi wemukelekile, lokho kungenza ngizizwe ngikahle ngempela. Kodwa nisamile ngezinyawo zenu, asikhulume manje kuLowo Owenze konke lokhu kwenzeka.

2 Nkulunkulu wethu, siza kuWe ngobulula benhliziyo, siza namakhanda ethu ekhotheme, ngenxa yokuthi siyazi ukuthi Wena waphefumulela phezu kwethu, futhi sivela othulini, futhi siyizikhonzi zaKho zoMbuso. Futhi siyakhuleka, Baba, ukuthi kulobubusuku ukuthi Uzothola indawo kuzo zonke izinhliziyo zethu ukuba Uzazise kithi nakubantu esizihlanganisa nabo.

3 Sithanda ukuKubonga ngalesisikhathi ngalelibandla elihle, nangomelusi walo, nangabo bonke abahambisana nalo. Futhi sifuna ukuKubonga ngalaba abashayele eziphephweni zeqhwa, phezu kwezishelelayo, izinkundla ezineqhwa ukufika lapha ukukhonza Wena kanye nathi.

4 O Nkulunkulu oBusisiweyo, ngolunye usuku eZweni ngaphesheya komfula lapho esingasoze saba nesinye isiphepho seqhwa, noma akusoze kwaba nomunye umuntu ogulayo ukuba akhulekelwe, enye inkonzo yomngcwabo ukuba ibanjwe, noma ngisho omunye umlayezo weVangeli ukuba ushunyayelwe, sifuna ukuhlangana lapho, Nkosi, njengemindeni engaphukile.

5 Sithethelele amaphutha ethu. Sazise ukuthi izinsuku zethu ziyingcosana lapha emhlabeni, futhi esinazo, kwangathi singazichitha odumweni lwaKho nenkazimulo yaKho. Siphe eminye imihlangano emininingi ejabulisayo njengalona. Busisa ngamunye wethu njengabantu ngamunye, sibusise ezidingweni zethu, Nkosi, ngokuba ziningi.

6 Futhi lapho ukuphila sekuphelile, kwangathi singahlangana eNdlini yaKho, kuze kube yileyonkathi, kwangathi umphongolo ungebe ngongenalutho neze ezindlini zethu. Kwangathi uphiso lungomi neze, size sibone iNkosi yethu ebusisiweyo iza ezibhakabhakeni ukusithatha. Sigcine siphilile futhi sijabule. EGameni likaJesu. Amen.

7 Ziningi kakhulu izinto ebengingazisho, kuze kube l'khuni ukuthi ngazi nje ukuthi kuqalwa kanjani. Futhi empeleni, lamaduku ubusuku ngabunye abekwe lapha, ngijabula kakhulu ukuthi niyakholelwa ekukhulekeleni amaduku. Manje (Ngiyabonga, mnumzane onomusa.), abantu abaningi bagcoba lawomaduku, okungukuthi kulungile, noma yini uMsindisi wethu obusisiweyo azoyibusisa, impela ngihambisana nayo,

kodwa uma nizofakaza, iZwi, iZenzo 19, uPawulu wavele wathatha emzimbeni wakhe amaduku nezindwangu.

8 Ngikholwa ukuthi uPawulu wayengumshumayeli oqavile. Anikholwa kanjalo na? Nifuna nginitshele ukuthi ngicabanga ukuthi wakutholaphi lokho na? Ngicabanga ukuthi wathola lokho emiBhalweni lapho owesifazane waseShunemi, wayelahlekelwe yingane yakhe umprofethi ayembusisile futhi wazala lengane enhle. Futhi ngenkathi ingane ifa, owesifazane waseShunemi wayenomunye wezinceku ukuba abophele umnyuzi omncane, futhi wagibela waya kumprofethi, ngokuba wayazi ukuthi uNkulunkulu wayekulowomprofethi, futhi lowo kwakungomele uNkulunkulu, lowo kwakungumsebenzeli waKhe emhlabeni.

9 Futhi wacabanga, uma wayengafika kumprofethi, angikholwa ukuthi wayecabanga ukuthi wayezoyibuyisa ingane yakhe, kodwa wayezothola ukuthi kungani uNkulunkulu eyithathile. Futhi uNkulunkulu akembuli njalo kubaprofethi baKhe yonke into Anayo ecebweni laKhe lobuNkulunkulu.

10 Ngakho ngenkathi owesifazane efika, umprofethi wayengazi ukuthi kwakuyini indaba, ngakho wathi encekwini yakhe, uGehazi, “Nakhu kuza lowomShunemi, futhi ukhathazekile, kodwa uNkulunkulu ungifihlele khona.”

11 Futhi ngenkathi sisesendabeni, uma nje benizocabanga ngalokhu: Wathumela uGehazi phambili wayesethi, “Hamba ubone ukuthi konke kuhamba kahle yini.”

Futhi wathi, “Usahlezi kahle na? Indoda yakho isahlezi kahle na? Ingane isahlezi kahle na?”

12 Bhekisisani impendulo yomShunemi: “Konke kuhamba kahle,” nengane yakhe ilele iyisidumbu, kodwa wayesefike esiphethweni sakhe lapho ayekholwa khona ukuthi uNkulunkulu wayezomazisa okwakwenzekile. “Konke kuhamba kahle.”

13 Angazi noma thina kulobubusuku besingacabanga lokho, emva kokuba imiBhalo ifundwa ngeNkosi uJesu nentando yaKhe ebusisiwe ukusiphulukisa sonke, noma isisindise, ithethelele izono zethu. Ngabe konke kuhamba kahle kulobubusuku na?

14 Futhi qaphelani, umprofethi wathi encekwini yakhe, “Thatha udondolo lwami bese uhamba ulubeke phezu kwengane.” Manje, u-Elisha wayazi ukuthi uMoya oNgcwele wawukuye, futhi yonke into ayeyithinta yayibusisiwe, kodwa manje, ukuthola owesifazane ukuba akukholwe lokho. Ngakho wathi, “Thatha udondolo lwami bese uhamba ulubeke phezu kwengane.”

15 Ngicabanga ukuthi yilapho uPawulu athola khona ukuthatha amaduku emzimbeni wakhe uqobo, ahambe, ewabeka phezu kwabagulayo nabahluphekile.

16 Kodwa, nokho, owesifazane akacabanganga kakhulu ngodondolo, wathi, "Angiyikukushiya." Futhi u...wahlala naye ngqo waze wathola ukuthi isifiso senhliziyo yakhe sasiyini. Yileyondlela esenza ngayo ngoKristu, sihlale naYe ngqo size sithole esikucelayo.

17 Manje, lamaduku, siyawakhulekela, futhi uma iduku lakho lingekho phezulu lapha futhi ufisa elilodwa, vele ungibhalele. Manje, angifuni ukuthola ikheli lenu, bangane abathandekayo, ngoba nginesikhathi esibi kakhulu ukuphendula izincwadi. Anginazo izinhlelo zokuxhasa, noma yini, ku—ukuthola nje umuntu othize ukuba angisize kuphendulwe izincwadi.

18 Kodwa ngizokhuleka phezu kwakho, mhlawumbe hhayi iduku, sithumela izinkulungwane zawo, kusemhlabeni wonke jikelele futhi kubiza kakhulu, ngakho angikwazi ukuthumela iduku, kodwa ngithola indwangu bese ngiyisika ngamaphasela amancane, bese ngiyikhulekela, bese ngiyithumela.

19 Manje, incwadi eyifomu...Sineketango lomkhuleko emhlabeni jikelele. Kodwa manje, incwadi oyitholayo izokwenziwa, ikopishwe ngomshini i-mimeograph ngunobhala, kodwa iduku noma iphasela elincane, ngilikhulekele. Niyabo? Ukuba benginokukholwa kuwe njengenceku kaNkulunkulu nengane yami ibigula, bengingefune unobhala ukuba akhulekele iduku, bengiyofuna *wena* ulikhulekele. "Yenza kwabanye njengoba ubungathanda abanye benze kuwe." Niyabo? Likhulekele.

20 Ingeyakho mahhala, akukho lutho, akukho nkokhiso kuyo, thumela nje ezansi futhi siyojabula ukuyithumela, nje Post Office Box 325, Jeffersonville. Uma ungakukhumbuli lokho, vele ubhale igama lami. Futhi iJeffersonville, e-Indiana, yidolobha elincane kakhulu cishe izinkulungwane ezingamashumi amabili nesikhombisa, futhi—futhi ngakho nje kubhekise eJeffersonville, futhi noma ubani lapho uyangazi.

21 Ngifuna ukusho ukuthi lolu kube wusuku olukhazimulayo kimi. Njengoba bengihlezi ekamelweni kulentambama, ngikhuleka, bengicabanga ngemihlangano ethile ofika kuyo...Sithanda...Asikwazi ukulindela yonke into ukuba nje imangalise. Ngifisa sengathi bengingathatha leliqembu kanye nami yonke indawo.

22 Nginike iqembu lomkhuleko elinjengaleli futhi unginike umhlangano wamaviki amabili ndawondawo, makuthi bonke abangakholwayo banqwabelane emva kwabo ofunayo, uNkulunkulu uzobusisa ngokufanayo nje. Lapho ubamise njengodonga lwezitini, lokho kuyamangalisa. Ngiyakholwa-

ke ukuthi uNkulunkulu angenza noma yini khona-ke lapho uzizwela inkululeko kaMoya.

23 Futhi ngimbonga ngempela uNkulunkulu ngalelibandla elimangalisayo, nangomelusi walo, nangazo zonke izisebenzi, nalomculi omncane, angisalikhumbuli igama lakhe. [Umfowethu uthi, "Mfowethu Golden."—Umhl.] Golden. UMfowethu Golden, ungiculele lesosipesheli esikhashaneni esedlule, futhi ngikuzwile, Mfowethu Golden. Bengimi ngaphakathi komnyango nabanye babangane bami abancane abangamanenekazi cishe abaneminyaka eyisishiyagalombili noma eyishumi ubudala, abafana abancane bemi ngalapho benzela ukusayinelwa. Angikwazi ngisho ukufunda umbhalo wami uqobo, manje, bazokwenza kanjani na? Yilokho engizibuza khona.

24 Bese kuthi-ke, uNkk. Branham ubemi lapho, futhi bebe . . . Ngicabanga ukuthi bathe nyelele ngale naye, futhi. Futhi ngisho nomfanyana wami, uJoseph, ubefuna ukubhala okuthize, naye. Futhi mhlawumbe ucace njengoyise, ngakho, uneminyaka emibili ubudala.

25 Ngakho sifuna ukuzizwakalisa thina uqobo kini okwedlula konke esingakwenza ukuthi siyakuthakasela ukuba lapha. Futhi ngi—ngisho lokhu ngesingami, umndeni wami, uMfowethu Lee Vayle lapha, uMfowethu Wood nomkakhe, uMfowethu Leo Mercier, uMfowethu Gene Goad, nabo bonke oseqenjini lethu, siyanibonga ngempela.

26 Emizuzwaneni embalwa edlule ngingena, omunye uthe bangithathele umnikelo wothando. Angizelanga umnikelo wothando, bangane, ngizela nje ukuba ngumfowenu. Kodwa impela ngiyawuthakasela lowomnikelo wothando. Ngingumuntu ompofu. Ngangingaba ngusozigidi ukuba ngangithathe . . .

27 Angikaze ngithathe umnikelo empilweni yami, nhlobo, nginemiyaka engamashumi amabili nesikhombisa enkonzweni, angikaze ngithathe umnikelo empilweni yami. Ngilokhu ngibuka umkami, njalo lapho ngifika kuleyongxenye, yena, ngicabanga ngomnikelo, uhlala njalo enginikeza lokho kanye. Ngizokusho, S'thandwa, noma kanjani.

28 Ngesinye isikhathi ngangibhekene nakho ngempela, niyazi, lapho ufika kuleyondawo lapho ongeke nje wakwazi ukuziphilisa. Futhi ngangisebenza njengomqaphi wezinyamazane lapha e-Indiana. Futhi ngakho ba . . . Ngathi kumkami, "Ngiya ngale kulobubusuku bese ngithatha umnikelo, angisakwazi nje ukukweleta lokhu, ngi . . . "

Wathi, "Ngiya ngale ukuyokubheka ukwenza."

29 Sasihlala ngaphesheya nje kwetabernakele. Manje, labobantu bebeyokwenza, he, bebeyothengisa impahla yabo, banginike khona, kodwa ngangikwazi ukusebenza. Ngifisa

sengathi bengingakwenza manje futhi bengingeke ngidingeke ngisho ukuba ngithathe indibilishi.

30 Kodwa nga—ngaya ngale, ngase ngithi, sasingenalo ngisho nepuleti lomnikelo, ngase ngithi, "Bafo, ngihlangane nencane, o, indawo encane nje," ngathi, "Ngidinga imali encane. Angazi noma nina bantu beniyozizwa kabi ngami uma ngithathe umnikelo omncane, ngamunye wenu lapha qathaza into ethize encane." Ngathi, "Mfowethu Wiseheart, ungasithola isigqoko sami na?"

31 Futhi wafinyelela ukuthola isigqoko sami, waqala ukuhamba. Futhi ngabuka ohlezi phansi lapha ngaphambili, elincane, inenekazi eselikhulile. Bangaki abakhumbulayo labo besifazane ababevame ukugqoka lawomaphinifa amancane futhi baphendule iphakethe ngaphakathi na? Baphathe isikhwama semali esincane sasephaketheni. Futhi ngi . . . Iqhawe lomkhuleko langempela, lafaka isandla phakathi futhi lathatha esinye salezi zikhwama zemali esincane sasephaketheni esiqhaswa phezulu, liqala ukufinyelela phansi lapho kulabo ozuka abancane. Qiniso, a—angikwazanga ukukwenza. "O," ngathi, "Benginincokolisa nje, bengingakuqondile lokho." Ngakho angizange ngiqhubeke nokuhlangabezana nobunzima.

32 Niyazi, kwakuvamise ukuba nekhehla eligibela lehle livela enhla phakathi lapha, ndawondawo, lalinezinwele ezinde nentshebe, igama lalo kwakunguJohn Ryan. Angazi noma nake namazi noma qha. Yena . . . Bangaki abake bamazi uJohn Ryan kulelizwe na? Kulungile. UNkulunkulu aphumuze umphefumulo wakhe oyiqhawe.

33 Wagibela ibhayisikili ezansi lapho endlini yami ngoluny'usuku wayesenginika lona. Futhi lalikade lihlezi phandle lapho isikhathi eside, futhi ngehlela esitolo sezinto zikasheleni ngase ngithola upende obomvu, ngapenda lelobhayisikili elidala, futhi ngalithengisa ngamadola amahlanu, ngase ngikhokha isikweletu, empeleni, angidingekanga ukuba ngithathe umnikelo. Ngakho ngiza cishe lesosikhathi sokukwenza.

34 Ngakho ngizoniqinisekisa, bangane, izindleko zami zingithatha cishe amadola ayikhulu ngosuku, ihhovisi lami nokulinakekela kwami, cishe nje ikhulu ngosuku. Manje, lokho ku . . . Yazi kuzwakala kufana nokuningi kakhulu, kodwa akunjalo. Nicabanga ukuthi uMfowethu Roberts usebenzisa malini ngosuku na? Ngicabanga ukuthi umbiko wokugcina enganginawo kwakuyizinkulungwane eziyisikhombisa ngosuku. UBilly Graham usebenzisa, ngezinye izikhathi, inkulungwane yamadola ngomzuzu ekusakazeni kwakhe, leyo akusiyo ithelevishini yakhe, ukusakaza umhlaba wonke.

35 Ngakho niyabo, lokho kuncane kakhulu ukuqhathanisa nalokho. Ngakho uma . . . Ngiyanibonga ngomnikelo

wenu. Futhi ngomusa kaNkulunkulu, yonke indibilishi, engizoyisebenzisela eMbusweni kaNkulunkulu ngakho konke engaziyo ukuthi kanjani. Ngolunye usuku eZulwini kwangathi ungemukela umvuzo wakho, uma kungekho lapha emhlabeni.

36 Manje sizofunda elinye leZwi laKhe elibusisiweyo.

37 Noma ngasiphi isikhathi engingaba usizo kini, ngizokwenza. Ngangivame ukusho lokhu: "Ubusuku abubi mnyama kakhulu neze, noma imvula ayini kanzima kakhulu neze, kodwa lokho ebengiyokuza kuwe." Awu manje ekuxhumaneni ngqo nokungesikho ngqo nabantu cishe abayizigidi eziyishumi, leyo yinto enkulu ukuyisho. Ngingahle ngingakwazi ukuza kuwe, kodwa uma nje uzongitholela izwi lesidingo sakho, ngizokukhulekela ngempela.

38 Ngilele ekhaya, nomkami uyazi nalabo abake beza bezongivakashela lapho, kodwa ubusuku bonke gulukunqu lolocingo, hhayi nje kodwa ubuthongo bemizuzu embalwa, ngaphandle uma ngisuka ekhaya. Izingozi emgwaqeni, esizweni sonke, ndawo zonke, abantu beshaya ucingo, beshaya ucingo, beshaya ucingo, beshaya ucingo nje njalonjalo ngaso sonke isikhathi. Sibe nezingcingo eziningi zamabanga amade ezingamashumi ayisithupha nane ngehora, lokho yizincingo ezine ziphendula manje, kulinganiselwa izingcingo ezingamashumi ayisithupha nane ngehora, imini nobusuku. Cabanga ngalokho. Niyabo? Ungazibonela ukuthi kunjani.

39 Ngakho-ke kodwa sihlala sijabula ukuzithola, njalo sijabule ukwenza okuthile ukusiza omunye. Niyazi ukuthi siyini isibusiso na? Yenzela omunye umuntu okuthize. Kunjalo. Futhi uma unomakhelwane noma omunye umuntu okwenzele ukungabi nabulungiswa, khumbula lokhu kimi: Ungalokothi umenqabe. Mthathe—mthathe umyise kuNkulunkulu ngomkhuleko, futhi ubone ukuthi isimo sokuziphatha esehlukile esinjani ozoba naso.

40 Uma uqotho emkhulekweni wakho, yima ihlombe nehlombe naye, nakuba ekonile, ukungabi nabulungiswa, kodwa nje thatha leyondoda uyise kuNkulunkulu bese uma lapho eBukhoneni bukaBaba ngesinye isikhathi, futhi uthi, "Baba, umakhelwane wami lapha ungonile. Kodwa ngiqagele . . . "

41 Bhekisisani, lapho uhamba uyosho iphutha lakhe, akumsizi kuphela, kodwa kuzokusiza nawe. Futhi uzobona ukuthi wedlule kukuphi nezilingo nezinto, kuzoshintsha isimo sakho sokuziphatha ngakulowomfowenu, kuzomsiza, futhi. Njalo nenza okuhle lapho nikhulekelana.

42 Manje, uma ninamaBhayibheli enu evuliwe, okwendikimba yami yokugcina kulomhlangano, ngethemba ukubuya futhi kini masinya nje engingakwazi, iSambulo, isahluko 3 nevesi 20, ngifisa ukufunda ingxenye yomBhalo, nokuthola ingqikithi kulendikimba.

43 Isizathu ngifuna ukukufunda, ngimi lapha, angazi ukuthi iNkosi uJesu izokwenzani, nabaningi benu babuthene ngaphandle, negumbi elichichimayo ligcwele, futhi bemi bezungezile, kodwa nokho, uma ngifunda umBhalo, uNkulunkulu uzobusisa kangako, ngiyazi. Ngicabanga ukuthi imiBhalo ibifanele ifundwe ngazo zonke izikhathi.

Nakhu ukufundwa:

> *Bheka, ngimi ngasemnyango, ngingqongqotha: uma umuntu ezwa iphimbo lami, avule umnyango, Ngizongena kuye, ngidle naye, naye adle nami.*

44 Nendaba yami kulobubusuku, uma ngingayibiza ngalokho ngukuthi: *U—UMnyango Ngaphakathi KoMnyango*.

45 Lena yindikimba engejwayelekile, kodwa yingxenye yeZwi likaNkulunkulu eliPhakade. IZwi likaNkulunkulu liyilo ngempela kakhulu. Futhi lowo ngumBhalo owanele khona lapho ukukhipha bonke ubukhomanisi ezweni nokuguqula umhlaba wonke. Yisimemo ensindisweni, kanti futhi yisimemo sokuphulukisa, isiqinisekiso sokuPhila okuPhakade. O, kusho okukhulu kakhulu uma kwemukelwa ekuKhanyeni okulotshwe kukho.

46 Niyazi, lapha esikhathini esithize esedlule kwakukhona icala likazwelonke. Ngikholwa ukuthi kwakusezinsukwini zika-Abraham Lincoln ongasekho, umongameli wase-United States. Futhi kwakukhona isosha elalenze icala, futhi lalizobulawa, lagwetshelwa ukufa. Ekugcineni othile wancenga umongameli ukuba asindise impilo yalo. Nomongameli ephuthuma wathi, "Kulungile, ngizolisindisa." Ngakho wavele wasayina isiqephu sephepha, "'Khululani u*S'bani-bani*, Abraham Lincoln.' Sithumele."

47 Futhi ngenkathi umthwali walesi, wasiletha ejele, futhi wasikhombisa isiboshwa, wayesethi, "Veza lokhu."

"Ngani," sathi, "lokho akulungile, yisiqephu sephepha nje."

Wathi, "Kodwa ku—kusho phakathi kokufa nokuphila kwakho, ngoba kunegama likamongameli kukho ukuthi uxolelwe."

48 "O," sathi, "bekuyoba sephepheni elisemthethweni, bekuyobekwa uphawu ngophawu lwakhe," nokunye nokunye, yonke inkambiso okwakuzofanele kube yiyo ngaphambi kokuba ikwemukele.

49 Futhi akakwazanga ukuncenga indoda ukuba ikwemukele. Futhi ngokusa okulandelayo yadutshulwa ekuphumeni kwelanga. Awu, emva kokuba igama lika-Abraham Lincoln lisayiniwe ukuthi wayeyixolele indoda, futhi manje nansi ilele iyisidumbu, khona-ke ini na?

50 Ngakho-ke kwathethwa icala ezinkantolo zenhlangano yamazwe, futhi nasi isinqumo senkantolo yenhlangano

yamazwe: Ukuxolelwa akusikho ukuxolelwa, ngaphandle uma kwemukelwa njengokuxolelwa.

51 Yileyondlela isithembiso sikaNkulunkulu esiyiyo, akusiso isithembiso kunoma yibaphi abantu abangeke basemukele njengesithembiso, kodwa lonke iZwi likaNkulunkulu liyisithembiso kulabo abakholwa ukuthi Liyisithembiso. Yisimo sakho sengqondo ngakukho, Noma ngabe kungukuxolelwa noma ngabe yisithembiso sokuphulukiswa kwakho, ngokuba amaZwi aKhe aPhakade.

52 Ngifisa sengathi bengingacabanga ngezimbongi, noma, igama lengcweti esengqondweni yami manje, eminyakeni emininganа eyedlula eyazethwesa ukuveza lendima yomBhalo ibe yisithombe. Futhi kwayithatha cishe impilo yonke ukudweba lesisithombe sikaKristu engqongqotha enhliziyweni yo... umnyango enhliziyweni.

53 Nazo zonke izithombe ezidumile, ngaphambi kokuba zize zingene ehholo lodumo, kuqala zifanele zedlule kubagxeki; futhi ngiyakuthanda lokho, ngoba kuthi akufane neBandla. Ngaphambi kokuba iBandla lize lingene oHlwithweni olukhulu, kuqala lifanele lifike kubagxeki. "Bonke abaphila ngokumesaba uNkulunkulu kuKristu Jesu bayakuzingelwa."

54 Akukho-zaba, akukho namunye omisiwe, bonke bafanele bedlule kulowomugqa wokuhlushwa nokugxekwa. Kodwa-ke uma singadlula kulokho ngokuphila okunjalo ukuthi abagxeki abakwazi ukukhomba ngomunwe wabo kunoma yini eqinisile, khona-ke isithombe sesilungele-ke ihholo elikhulu lodumo.

55 Futhi lengcweti eyadweba isithombe, ngenkathi abagxeki wayesibhekisisa, bathi, "Mnumzane, isithombe sakho siyamangalisa, kodwa kunento eyodwa nje mayelana nesithombe engalungile." Wathi, "UnoKristu, uvezwa kahle, nomnyango ukahle, kodwa awunasikhiye sokukhiya emnyango. Ngakho kungani Ubeyongqongqotha emnyango uma singekho isikhiye sokukhiya emnyango na?"

Nengcweti yathi, "Ngisidwebe kanje ngoba kulomnyango, isikhiye sokukhiya singaphakathi. Lowo ongaphakathi uzofanele avule ngesikhiye umnyango ukuze Angene."

56 Futhi lelo yiqiniso. UKristu angangqongqotha, kodwa nguwe kuphela ongavula umnyango. Ungathi, "Ngena, Kristu, ngiyaKwemukela." Noma kunjalo Akakwazi ukungena uze uvule ngesikhiye umnyango, khona-ke Ungangena.

57 Ungqongqothelani noma ubani emnyango womunye umuntu, empeleni na? Kungukuthola ukungena. Unebhizinisi elithile lapho omunye [UMfowethu Branham ungqongqotha epulpiti—Umhl.], banokuthile abafuna ukuxoxisana ngakho nawe.

58 Nalokho kungqongqotha okukhulu kufike eminyango emikhulu kusukela phansi eminyakeni. Ucabanga ukuthi kwakuyokwenzekani ngezinsuku zika-Awugustu Kesari, ukuba wayenethuba noma okuthize ukuba aye emnyango womuntukazana, futhi angqongqothe emnyango ngenkathi wayengumbusi waseRoma na? Bekungeke yini lokho kube ukuhlonishwa okukhulu kunoma yisiphi isikhonzi esingumRoma ngoKesari Awugustu ukuba singqongqothe emnyango wabo na?

59 Noma kwakuyoba yini lapho uNapoleon omkhulu, nakuba esatshwa ngabantu. . . ? Ngimi eWaterloo esikhathini esingeside esedlule eBelgium, ngangifunda umlando wakhe ngenkathi ngibuka phezu kwezinto eziyigugu zempi enkulu, futhi wayenonya kakhulu. Futhi ngenkathi omama sebeyolalisa izingane zabo ezincane embhedeni ebusuku, njengomama ngezinye izikhathi bathi, "Umuntu oyinunu esabisayo uzokuthola uma ungalungile," kwakwesabeka kakhulu ukuthi, "UNapoleon uzokuthola," wayesatshwa kakhulu. Wayeyobulala abantu. Kodwa kanjani ukuthi esinye sezikhonzi zakhe sasiyozizwa sihloniphekile ukuba naye angqongqothe emnyango wabo!

60 Noma u-Adolf Hitler omkhulu osanda kwedlula nje. Uku—ukuhlonipheka okunje pho obekuyoba yikho kunoma yiliphi lamasosha akhe, mhlawumbe indoda empofu yayihlala ezansi ngasemfuleni futhi ngoHitler, umholi waseJalimane, wangqongqotha emnyango wayo futhi ufuna ukungena ukuba akhulume nayo isikhashana!

61 Bekuyoba ukuhlonishwa okunjani kulelososha ukuba libe noHitler angqongqothe emnyango walo ngenkathi esengumholi waseJalimane! O, bekuyoba ukuhlonishwa okukhulu.

62 Noma bengiyosho lokhu: Bekuyoba ukuhlonishwa okukhulu kumDemokrati obedlula bonke eSouth Bend ukuba uMongameli wethu uDwight Eisenhower angqongqothe emnyango wakhe ukuba amvakashele. Nakuba wehluka kuye kwezombusazwe, ungomunye wamadoda amakhulu kunawo onke emhlabeni, uMongameli wethu othandekayo uDwight Eisenhower, impela. Bekuyoba ngukuhlonishwa. Okwenza ukuhlonishwa ngukubaluleka kwalowo ongqongqothayo.

63 Noma maduze nje indlovukazi yaseNgilandi ivakashela le-United States. Bekuyoba ukuhlonishwa okunjani kunoma yimuphi wenu bantu lapha kulobubusuku, lapha eSouth Bend, noma e-United States uma lendlovukazi, nakuba ungesiso isikhonzi sayo, kodwa ukuba yayize emnyango wakho futhi yangqongqotha emnyango wakho, ubuyojabula kanjani ukuya emnyango, futhi ibiyothi, "Ngiyindlovukazi yaseNgilandi," indlovukazi enkulu kunazo zonke emhlabeni, indlovukazi

yaseNgilandi. Nakuba ingenamandla esikhundla phezu kwakho, nokho ingowesifazane omkhulu.

64 Ubuyothi, "Wena waseBukhosini, Ndlovukazi, ngena ekhaya lami. Uma kukhona noma yini kulelikhaya oyifunayo, ungaba nayo. Uma kukhona noma yimuphi umklomelo, kumbe noma yini engingayenza ukuze ngikwenze wemukeleke, ngena, wamukelekile."

65 Futhi lapho wemukela noma ubani onjalo, uma ungabaniki izinga eliphakeme eligcwele ngenkathi besesendlini yakho, abemukelekile ncamashi. Kunjalo. Uma wemukela noma ubani. . . Uma ngiza ukuzokuvakashela, futhi uyothi, "Ngiyakwamukela, Mfowethu Branham, zenze ube sekhaya." Ngani, ngiyongena, ngikhumule izicathulo zami, futhi ngihlale phansi, ngibeke izinyawo zami esihlalweni ndawondawo, ngalamba, bengiyoya ebhokisini leqhwa bese ngithola okudliwayo. Impela, ngemukelekile.

66 O, besiyokwemukela umuntu onjalo ngenxa yokubaluleka kwabo, indlovukazi. Uma ubunento ethize obuyithanda, ubuyoyinika yona ngokujabula uma ibiyifuna, ngoba ingowesifazane omkhulu.

67 Kodwa ngifuna ukunibuza okuthize: Ubani obaluleke kakhulu kunoJesu na? Futhi ubani oxoshiwe kakhulu kunoJesu na? UnguMuntu obaluleke kakhulu obengangqongqotha emnyango wakho. Futhi Ubengasoze angqongqothe, ngaphandle uma Enento ethize enhle yakho. Futhi U—Ujikiswe kakhulu kunanoma yimuphi umuntu okhona emhlabeni. UJesu uyaxoshwa emnyango, umnyango wenhliziyo yabesilisa nabesifazane lapho Engqongqotha, nsuku zonke, ezama ukungena.

> Bheka, *ngimi ngi. . . ngqongqotha: uma umuntu ezwa iphimbo lami, futhi* a*vule umnyango, Ngizongena* ngihlale phansi, *futhi. . . ngidle naye, naye adle nami.*

68 O, angazi ukuthi ubani obengaba mkhulu ngokuthe xaxa, nokuthi ubani obengakwenzela okunye, noma kungabi okwesigidi kwalokho Abengakwenza. Akukho-muntu obengakwenzela lokho uJesu akwenzayo lapho Engena, kodwa Uyaxoshwa.

69 Manje, uyothi kimi, "Umzuzwana nje, Mfowethu Branham, ngakwenza lokho kudala."

70 Lokho kuhle, ngiyajabula wakwenza, ngokuba ngithi kuyinto enkulu kunazo zonke owake wayenza kungenkathi uvumela uJesu angene enhliziyweni yakho, lowo ngumnyakazo omkhulu kunayo yonke obungake uwenze, ukuguqulile usuka ekufeni uya ekuPhileni. Vumela uJesu angene.

71 Kodwa manje, emva kokuba Ephakathi, ngabe Wamukelekile kuyo yonke iminyango ekhona endlini yakho

na? Leyo yinto elandelayo. O, impela, uzokwemukela insindiso yaKhe, awufuni ukuya esihogweni, kodwa ngabe uzoMvumela abe yiNkosi yakho na? Ufuna ukungena futhi abe nguMbusi, yingalesosizathu Efuna ukungena. Awazi ukuthi uzokwenzenjani. Uyazi ukuthi uzokwenzenjani.

72 Abantu abaningi bazoMemukela njengoMsindisi, kodwa-ke ukuMemukela njengeNkosi kwehlukile. Umehluko onje pho phakathi kokuba nguMsindisi, nokuba yiNkosi! NjengoMsindisi, Ubeyokusindisa esonweni sakho, kodwa ukuba ube yiNkosi UnguMbusi. UyaMngenisa, kodwa ungeke uMvumele abuse.

73 Ngokuba enhliziyweni yomuntu kunjengomnyango nje lapho endlini, emva kokuba usungenile, "Ngena, mnumzane, uhlale phansi, kodwa lena eminye iminyango emincane, angifuni uzilulaze endlini yami."

74 Ngifuna ukukhuluma ngemibalwa yaleyominyango, zonke izinhlobo zeminyango emincane yangasese empilweni yakho yangasese. UJesu angaba nguMsindisi wakho, kodwa, "Ungalokothi uzame ukungitshela ukuthi angenzeni, Nkosi, ngiyazi ukuthi ngifuna ukwenzani. Futhi Ungazami neze ukungibusa." Leso yisimo sokuziphatha sabantu abaningi abazisho ubuKristu.

75 "Ngizolalela ukuthi umelusi uthini."

Lokho kuhle, kodwa uma kuphambene nalokho uJesu akusho, khona-ke kuyiphutha.

76 "Ngizokwenza okushiwo yibandla uma . . . "

Lokho kuhle, kodwa uma kuphambene nalokho iBhayibheli elikushoyo, khona-ke kuyiphutha.

77 Ufanele uMvumele abe nguMbusi oMkhulu, okungukuthi Uphezu kwakho konke, Uphezu kwemibono yakho, Ungaphezu kwakho konke onakho, Ungaphezu kwamadlingozi akho, Ungaphezu kwemibono yakho, Ulawula yonke imisipha yokucabanga kwakho. Konke oyikho, ufanele ukuphendulele kuYe uma Ezoba nguMsindisi wakho neNkosi yakho.

78 Bangaki kithi okwenzayo na? Ngifuna ukukhuluma ngezinto ezimbalwa. Kukhona umnyango omncane lapho ungena enhliziyweni yomuntu, uphendukela ngakwesokunxele, futhi lowo ngumnyango omncane wo*buGovu*. O, asifuni ukuya esihogweni, impela qha, kodwa sinombono omncane nje ukuthi—ukuthi singconywana nje kunomunye umuntu. Manje, uma Engenakungena kulokho, awu khona-ke, uzohlala njalo unalowombono.

79 "Ngizoya esontweni ngalokho engingakuthola kukho. Ngizozilinganisa phakathi kwabantu abangcono. Futhi uma ngike ngaba senkathazweni, khona-ke kusobala uma ngingathi, 'Ngiyilunga lebandla e*Lithize-thize*,' ngineqiniso

abantu bebeyobheka phezulu kimi bese bethi, 'Leyondoda iyilunga langempela lebandla elithize.'" UNkulunkulu angeke akusebenzise kanjalo, Uzofanele akulawule lokho, futhi.

80 Khona-ke kukhona omunye umnyango omncane, nalowomnyango omncane ubizwa ngokuthi *Ukuziqhenya*. O, lowo olukhuni ukuwuvula! Niyazi, kungukuthi nje. . . izidalwa ezingabantu nje ziyathanda ukucabanga ukuthi mhlawumbe zithe ukuba ngcono kancane kunabakwaJones, niyazi, ikakhulukazi lapha eMelika.

81 Uvele upende izitebhisi zakho zibe bomvu, bhekisisa umakhelwane wakho ependa ezakhe zibe bomvu. Nawe, dade, gqoka nje into ethize encane esigqokweni sakho lapho uya esontweni, umakhelwane wakho akakwazi nje ukukumela. O, wusuku olunjalo lokuzama ukulingisa, ukumesha. Uzithengela iChevrolet nabakwaJones uneFord, neChevrolet yakho ingconywana nje, mhlawumbe, kuneFord yabo, babhekisiseni bethola iChevrolet khona manjalo. O, yisikhathi sokumesha.

82 Ngibe nalokhu ukuphawula, futhi angikuqondile siqu, angiqondile noma yikuphi ukulimaza ngakho, kodwa ngezinye izikhathi lapho ngilungela ukuya enkonzweni, umkami uzoza, futhi athi, "Billy, ucabanga ukuthi lowothayi uyahambelana naleyosudu na?"

Ngithi, "Angazi, S'thandwa." Futhi ngizogqoka ipheya lamasokisi abomvu, nebhulukwe elimnyama, nothayi oluhlaza okwesibhakabhaka, futhi, o, angazi.

Wathi, "Lokho akuhambelani."

83 Ngathi, "S'thandwa, angikhathali noma ibhulukwe lami lihambelana nebhantshi lami, kumbe noma ngabe uthayi wami uhambelana nesudu yami, ngikhathalele ngokukodwa ukuhambelana: Ngifuna isehlakalo sami sihambelane neBhayibheli likaNkulunkulu." Yilapho ebesifanele sihambelane khona, isidingakalo sikaNkulunkulu.

84 Kodwa yisikhathi sokumesha. Ukuziqhenya, ugqoke kangconywana, uye ebandleni elingconywana, esikubiza ngokuthi kungcono, futhi ugqoke kangconywana. Futhi njalo. . . Kodwa asifuni uKristu angene kulokho. "Manje, Nkosi, Ungangisindisa, kodwa ungahambi uyozilulaza ngezindaba zami. Manje, ngizozinakekela." Manje, ngiyazi lokho kuzwakala kungubul'hlaza ngempela, kodwa lelo yiqiniso. Impela kunjalo. Abantu abamfuni uKristu ezilulaza ngezindaba zabo.

85 "Futhi uma ngifuna nje ukungathembeki kancanyana kulesisivumelwano, manje, Kristu, Yima nje khona phandle lapha kancanyana nje, kodwa ngi—nje ngi—ngifanele ngenze lokhu, ngoba ngiyadinga ukukwenza. O, ngeke kungilimaze lutho, ngiqinisekile."

86 Uma nje uzoMvumela angene kulowomnyango, Uzokulungisela konke lokho. Uzoma emnyango lapho isitha sizama ukukulinga ukuba wenze okungalungile.

87 Kukhona omunye umnyango engingathanda ukukhuluma ngawo umzuzwana, futhi lowo ngumnyango woku*Kholwa*. Abantu abaningi kakhulu bazoMngenisa emnyango njengoMsindisi, kodwa ungeke uMvumele akubuse ekukholweni kwakho.

88 Manje, wena uthi, "O, yebo, Mfowethu Branham, o, ngiyamkholwa uJesu Kristu, kodwa izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Akukho okungaphezu kwemvelo."

89 Kuyini na? Ungeke uvumele uKristu angene kulowomnyango, uvumela omunye umuntu akhulume akukhiphe kuwo. Awuwuvuli ngani nje lowomnyango, bese uthi, "Nkosi, yengamela ukukholwa kwami kulobubusuku"? Bhekisisa ukuthi kuzokwenzekani. Impela, Uzokwengamela, Uzoyibusa into.

90 Uma udokotela engenakukusiza ngalutho emsebenzini wakhe wezokwelapha, esibonga uNkulunkulu ngawo, uma esefike endaweni ikhono lakhe elilinganiselwe selifike ekupheleni kwalo, awumvumeli ngani uKristu avule lowomnyango wokukholwa futhi angene lapho, futhi uthathe iZwi laKhe khona-ke na? Bhekisisa ukuthi kuzokwenzekani. O, he! Lapho ekuhlola futhi, uzothi, "Kwenzekeni kuwe na?"

91 Lapha esikhathini esithize esedlule owesifazane wayenomdlavuza. Nomdlavuza wawusuzombulala nje, futhi sacela iNkosi yethu ebusisiwe ukuba imsize, futhi Yamsiza; udokotela wayesemdelile. Ezinyangeni ezimbalwa kamuva . . . Wayenendodana, ngikholwa ukuthi kwakuyiyo, yenze okuthile ngakho, ngiyakhohlwa manje ukuthi kwakuyini, into ethize ngokususa, into ethize yekhemikhali eyakhipha izinambuzane endlini, kanjalonjalo, angazi ukuthi lelogama liyini enilibizayo manje, isibulala-nambuzane, noma into efana naleyo—leyo.

92 WayeseLittle Rock, e-Arkansas, wayeseJonesboro. Ngenkathi engena emgqeni womkhuleko, wayeneduku phezu kwekhala lakhe. Ngangicabanga ukuthi wayekhala izinyembezi, kodwa ngithola ukuthi, wayengenakhala, ukuthi ikhala lase lidliwe ngumdlavuza, ngathi, "Uke waya kudokotela, dadewethu na?"

Wathi, "Mnu. Branham, unginika ukwelashwa ngeradiyamu, nakho konke, futhi kuyaqhubeka njalo njalo."

Ngathi, "Khona-ke uKristu makabe nokukholwa kwakho, khona-ke uzoba nokukholwa okusha. Uzo . . . " [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

93 "O," wathi, "Angikholwa ukuthi ngiyakwazi." Futhi wamtshela ukuthi wayengubani. Futhi wathi, "O, ungowesifazane engikuthole ohlwini ngapha ukuthi ikhala lakho belidliwa ngumdlavuza, lidliwe laphela."

Wathi, "Kunjalo." Wathi . . .

Wathi, "Awu, angikaze ngikubone isikhathi eside kangaka, ngamangala ukuthi uyephi."

"O," wathi, "Ngashintsha odokotela."

Wathi, "Waya kubani na?" Wathi, "Ngingathanda ukumncoma ngomsebenzi omkhulu awenza."

Wathi, "Mnumzane, ngaya kuDkt. Jesu."

"O," wathi, "Ngiyaxolisa, ngi . . . Usebenzela kuphi na? Angikholwa ukuthi ngiyamazi."

Wathi, "ENkazimulweni."

94 O, ubungathini nje ngalokho na? Futhi kucatshangelwa ukuthi yisizwe samaKristu. Kwenzekani kowesifazane na? Wavumela uKristu angene, uDokotela omusha. Futhi Wavula isango elincane, noma, umnyango omncane ayengawazi ngempela ukuthi wawukhona enhliziyweni yakhe. Kodwa ake uKristu angene kuwo kanye, bhekisisani ukuthi kwenzekani.

95 Ngifisa sengathi ngabe benginesikhathi, kuneminye futhi iminyango, kodwa ngifuna ukusheshisa. Kukhona omunye umnyango engifisa ukukhuluma ngawo, lowo ngamehlo akho. Uyazi ukuthi ungaba yimpumputhe futhi ungakwazi na? INkosi inakho, eBhayibhelini, kwathi Iyogcoba amehlo ethu ngomuthi wokugcoba amehlo. Senake nezwa ngalokho na?

96 Niyazi, ngingowaseNingizimu, futhi ngakhuliswa nge-opozamu, negqalashu, kanjalonjalo. Nomkhulu wami wayevame ukucupha kaningi, futhi wayevame ukubamba amagqalashu. Futhi ngithanda kanjani ukuwazingela namanje! Futhi ngakho, wayekhipha ugrisi, futhi lapho noma yimuphi wethu bantwana ethola amakhaza emehlweni ethu, namehlo amancane ehlanganiswa ndawonye, Umama wayehamba ayolanda ugrisi wegqalashu bese ewuhlikihla emehlweni ethu. Futhi nje kancanyana, wangena wangena, nokukhanya kuqala ukubhobokela ngale, futhi sasingabona, lapho esasingakwazi ukubona khona ngaphambili.

97 Kungaleyondlela ngoNkulunkulu, Unamafutha angcwele kaMoya oNgcwele Angawahlikihla emehlweni akho njengomuthi wokugcoba amehlo, futhi uzobona izinto ongakaze uzibone ngaphambili, ukuKhanya okusha kuzobhoboka ngale.

98 Wena uthi kimi, "Nginokubona okuhle, Mnu. Branham."

99 Awu, ngiyabonga ngalokho, kodwa ungahle ube nokubuka okuhle kakhulu kwenyama, futhi uphuphutheke ngokomoya. Vumela uNkulunkulu avule ukubona kwakho kokomoya,

empeleni, awuboni ngamehlo akho. Benikwazi lokho na? Qhabo, u*buka* ngamehlo akho, u*bona* ngenhliziyo yakho.

100 UJesu wathi, uJohane oNgcwele 3, "Uma umuntu engazalwa ngokusha, angewu*bone* uMbuso kaNkulunkulu." Usho ukuthi ungeke uwuqonde uMbuso kaNkulunkulu uze uzalwe ngokusha.

101 Ubuka ngqo into ethize, uthi, "Angiyiboni nje." Ubuka ngamehlo akho, kodwa uqonde ukuthi awukuqondi.

102 Futhi yilolohlobo lwamehlo kulobubusuku afanele avulwe, futhi munye kuphela umuthi wokugcoba ozokwenza. O, ubungeke uthathe umjovo kazifozonke ngawo, kanjalo ubungeke ugeze amehlo akho ngogrisi wegqalashu futhi ukwenze, akukho dokotela onekhambi lakho, kodwa uNkulunkulu unoMoya oNgcwele wamafutha aKhe okugcoba Awathululela phezu kokwakho, amafutha, emehlweni akho, futhi wena uthi, "Manje ngiyabona. Ngake ngalahleka futhi manje sengifunyenwe, ngangiphuphuthekile kodwa manje sengiyabona." Lawo amehlo esifuna avuleke. Angabuka emsamo, abuke iBhayibheli, uJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade, namehlo akho evulekile futhi ungaMbona.

103 Emva kokuvuka kwaKhe, kwakukhona amanye amadoda, igama lenye wawo kwakunguKleyophase nomngane wakhe wayesohambweni lwabo emuva ezansi nomgwaqo, bebuyela emsebenzini wabo omdala futhi. Futhi lapho behla ngomgwaqo, kwavela isiHambi, iNdoda ababehambe nayo iminyaka emithathu nengxenye, bahamba, bavika onke amatshe agandayiwe ezansi ngakulowomgwaqo omahhadlahhadla uma wake wahamba kuwo, bazungeza onke amajika, baYixhawula, futhi wayephuphuthekile futhi babengaMazi waze Wabayisa ezansi e-Emawuse, wangena ngaphakathi egumbini kanye nabo, wase-ke Evula amehlo abo, futhi baqonda ukuthi kwakuyiNkosi. O, kwathi nje amehlo abo angavuleka, kuthathe lonke usuku lweSabatha ukuhamba, babesemuva laphaya emizuzwini embalwa nje.

104 Lapho amehlo akho evuleka, uyahamba uyosebenzela uNkulunkulu ngokukhulu ukushesha, awube usakhathazeka, uvele uye emsebenzini. Ingaphakathi lenhliziyo amehlo, amehlo okuqonda.

105 Umfundisi wathi kimi esikhathini esithile esedlule, ngangisemhlanganweni wasekhaya, futhi wathi kimi, "Mnu. Branham, ngizokwenyusa encane, intombazane ekhubazekile, futhi uma uzoyiphulukisa leyontombazane, ngizokukholwa."

106 Ngathi, "Ngizosho into efanayo kuwe ukuthi iNkosi yami yathi kubaba wakho: 'Buyela emva kwami, Sathane.'" Niyazi, kunjalo impela. Ngathi, "Nginomngane oyisoni ehlezi phandle ngaleya endlini onesigazu emlonyeni wakhe isikhathi eside *kangako*, ethuka wonke umoya ngoba umkakhe

ukulomhlangano, hamba usindise leyondoda, futhi ngizokholwa ukuthi ungasindisa."

Wathi, "Ngingakwenza uma ibiyokholwa."

Ngathi, "Yiba nentombazane ukuba yenze ukukholwa okufanayo, nami ngingakwenza, futhi." Impela. Kusekelwe phezu kokukholwa kwakho.

107 Ngezinsuku zeNkosi yethu uJesu abantu abakwazanga ukuMngabaza enguMphulukisi, kodwa bathi Wayengesuye uMsindisi, udeveli uvele nje aqhumise itafula phezu kwabo, namhlanje bathi, "Angasindisa, kodwa Angeke aphulukise." Unguye izolo, namuhla, naphakade, uMsindisi, uMphulukisi, iNkosi yaseZulwini, uMqalisi wokuPhila okuPhakade, noMnikezeli wazo zonke izipho ezinhle uvela kuNkulunkulu ngoJesu Kristu.

108 Amehlo akho evulekile. O, ukuba kuphela besingabona! Bhekisisani futhi niMbone, Akwenzayo emandleni aKhe amakhulu, ikakhulukazi kulezizinsuku manje ukuthi lapho siphila kulesisikhathi esikhulu kakhulu, ukuzamazama kwabantu, lapho abantu bengazi ukuthi benzeni. IMelika idinga izithunywa zenkolo kabi kabi ukwedlula noma yisiphi isizwe engake ngaba kuso. Kunjalo.

109 Manje, ngisho lokhu kungesikho ukwehluka, futhi naleliBhayibheli libekwe livuliwe phambi kwami, LiyiZwi likaNkulunkulu ophilayo, kodwa niyazi ukuthi igama elithi u*mhedeni* lisho ukuthini na? U*mhedeni* kusho ukuthi, "ongakholwayo." Futhi kungcono uku, futhi kulula ukuguqula umhedeni ongenamfundo kunokuzama ukuphendula lowo onemfundo. Kunjalo.

110 Umhedeni ongenamfundo uzoba lula ekucabangeni kwakhe, kodwa umhedeni onemfundo, uzothola zonke izindlela nxazonke angakwazi ukukwenza kube amanga. Udeveli usebenzise inqubo yezemfundo ukuthumela emininingi imiphefumulo esihogweni kunanoma yini engazi ngayo. Lelo yiqiniso impela.

111 Manje, angiqondile ukuba abantwana benu bakhule bengafundile, kodwa indawo yokuqala uKristu emnyango. Kodwa ungalokothi ubeke imfundo ngaphambi kukaKristu, imfundo izonqamuka, uKristu akasoze. Makuthi uKristu angene enhliziyweni, khona-ke konke okunye, imfundo izolandela.

112 Ngingaqoka umfanyana wami uJoseph laphaya, engabazi ngisho o-ABC bakhe futhi azi uJesu njengoMsindisi wakhe kunokuba naye abe nayo yonke imfundo ezweni futhi abe ngumongameli wase-United States futhi engamazi uKristu. Ngokoqobo. Ngingaqoka ukuba nakho. Uma engaba yikho kokubili, bekuyoba kuhle, kodwa uma bengiyoba nokukhetha, makazi uKristu. Futhi uma efanele abe yisinxibi esitaladini, makazi uKristu, bekuyoba ngumkhuleko wami kuNkulunkulu.

113 Amehlo evulekile, sibuka izinto ezibanikayo, khumbulani, yonke into ebenyezelayo ayisilo igolide. Ngenze okuningi ukuhlwaya, negolide lesiwula, okuyithusi eliphuzi, elikhanya kakhulu kunegolide langempela, kodwa inani kulo... Qinisekani ukuthi amehlo enu abona into eyiyo.

114 Kodwa abantu baseMelika, sibone nje okuningi kakhulu kukaNkulunkulu, uNkulunkulu ubemuhle kakhulu kithi size singaMqondi. Kuba...Wena uthi, "Asehlele emhlanganweni," komunye umakhelwane.

"Ubani oshumayelayo na?"

"Awu, u*S'bani-bani*, u-Oral Roberts."

115 O, u-Oral Roberts uyindoda enkulu yokukholwa. O, une, uma nizoxola ngesisho, ukubamba ngqi kukabhova. Uzoma lapho futhi aphonse lesosandla esikhulu phansi futhi ampongoloze kathathu noma kane, futhi akukho okunye, uzomesabisa udeveli aphume kuwe. Kodwa unokubamba ngqi kukabhova, uyakukholwa, noNkulunkulu uyakuhlonipha. U-Oral Roberts ungumngane wami wesifuba, indoda enamandla yokukholwa.

116 "O, ngimzwile u-Oral Roberts ngaphambilini."

Wena uthi, "Awu, uMfowethu Branham usezansi lapho."

117 "O, yebo. Ngimbonile uMfowethu Branham esukuma lapho futhi bekuyoba ngukubona okufihlakele futhi atshele abantu, ngikubonile lokho ngaphambili." Inkathazo yakho ingukuthi, ubone okuningi kakhulu kwakho, sekujwayeleke kakhulu kini, kuze kuthi akunikezi imiphumela obekufanele kuyinikeze.

118 Sengivala, ngingahle ngenze lesisitatimende: Umuntu wake waya olwandle, wayefuna ukuhogela amanzi anosawoti, wayefuna ukuzwa izinyoni zasendle zindiza ngaphezulu, wayefuna ukubona ukusakazeka okukhulu kwamagagasi lapho egxumela emoyeni nosawoti, ukusakazeka okunosawoti, wayefuna ukukhumula izicathulo zakhe, agxambuze ehla enyuka osebeni emanzini anosawoti. O, kwakuzoba ngukuxhuxhuma ngempela kuye ukuba aphumele lapho. Endleleni yakhe lapho wahlangana nendoda ibuya, okwakungusawoti omdala, njengoba sikubiza kanjalo, itilosi, futhi yathi, "Uyaphi, muntu wami olungileyo na?"

Wathi, "O, tilosi elivela olwandle olukhulu," wathi, "Ngiyehla ukuyothokozela izibusiso zamanzi anosawoti, nezibhakabhaka eziluhlaza, nezinto eziningi ulwandle olunazo."

"O," yathi, "ngakhuliswa kulo, angiboni lutho oluxhuxhumisayo ngalo."

119 Niyabo, yayikubone kakhulu kakhulu futhi yakuthokozela kakhulu kakhulu, kwaze kwaba ngokwejwayelekile. Yilokho nina maMelika enikwenzile kuKristu, Ubemuhle kakhulu kini, niMbonile evula amehlo ezimpumputhe, abanye bebengeke bahambe banqamule isitaladi ukukubona futhi, niMbonile

ephulukisa abagulayo, niMbonile enza izimangaliso, nenze konke lokhu, futhi kujwayeleke kakhulu, akuxhuxhumisi.

120 Kube yimfihlakalo yami enkulu empilweni yami: Ingacaca kanjani imiBhalo, nabantu bahlale lapho futhi wazi ukuthi uMoya kaKristu usegumbini, futhi ungathula na? Angikwazi ukukuqonda, ngaphandle uma amehlo abo engavulekile. Muhle kakhulu!

121 Ezansi le eningizimu, sasinomuntu omdala omnyama ezansi lapho, umfowethu oyikhaladi, umfundisi, umfowethu omangalisayo. Futhi nxazonke, umkakhe nabo bonke bazama ukuncenga enye indoda, igama layo kwakunguGabriel, sonke nje sasiyibiza ngoGabe; uGabe kwakungukufushanisa uGabriel. Futhi wayeyindoda esikhulile elungileyo, kodwa asikwazanga neze ukumshayisa umugqa ngenxa kaKristu.

122 Ngenkathi nganginemihlangano yami ezansi lapho, wayethi, "Qhabo, *se*, impela angiyi lapho lapho uMfundisi Branham ekhona, ubeyobiza zonke izono zami phambi kwami. Angiyi lapho!"

123 Futhi ngiyathanda ukuzingela kahle kakhulu, ngakho, noGabe wayethanda ukuzingela, naye, nomelusi wakhe ezansi lapho webandla lamakhaladi, ibandla lePentecostal, wa—wayethanda ukuzingela, naye, ngakho wathatha uGabe phandle bezingela ngoluny'usuku. NoGabe wayengakwazi ukunemba kahle, akakwazanga ukushaya uhlangothi lwenqolobane, wayengakwazi ukushaya lutho nje, kodwa wayethanda ukuzingela.

124 Ngakho ngalolosuku besazingela, babedubule inyamazane eningi kakhulu kwaze kwathi besendleleni beya ekhaya, babenonogwaja nezinyoni yonke indawo kubo, babengakwazi nje ukuhamba kahle benezinyamazane eziningi kangako. Nothembekile, omdala, umelusi oyikhaladi wayehamba ngaphambili nesibhamu sakhe sisengalweni yakhe, noGabe esindwa izinyamazane ehamba ediyazela emva kwakhe.

125 Futhi emva kwesikhashana, bafika ngakwejwayelekile, indlela yezinyawo endala ngenkathi ilanga lishona, noGabe omdala wathinta umelusi ehlombe, wayesethi, "Mfundisi?"

126 Futhi waqalaza, wathi, "Yebo, Gabe?" Futhi waqaphela uGabe engathi uyagigitheka, nezinyembezi zazehla ezihlathini zakhe, wathi, "Gabe, yini indaba na?"

127 Wathi, "Mfundisi, ngeSonto ekuseni uzongithola ebhentshini labalilayo." Futhi wathi, "Emva kokuba sengihambile lapho, ngizozithathela isihlalo ebandleni, futhi, Mfundisi, lapho ngizophila futhi ngikhonze uNkulunkulu inqobo nje uma ngisaphila."

128 Nomelusi wathi, "Gabe, uyazi ngiyajabula ukwazi ngalokho." Wathi, "Ngijabule kakhulu. Kodwa buka Gabe,

ngifuna ukukubuza okuthize." Wathi, "Kungani kube uguquko lwamasinya na? Ngishumayelile, ngincengile, ngikholisile, umkakho uzilile futhi wakhuleka." Wathi, "Yini eyenze uguquko lwamasinya na?"

129 Wathi, "Mfundisi, uyazi ukuthi ngingumdubuli omubi," wathi, "Angikwazanga ukushaya lutho," wathi, "buka nje yonke lenyamazane Angiphe yona." "Ngani," wathi, "uyazi Uyangithanda, kungenjalo Ubengeke anginike yonke lenyamazane."

130 Uma nje niqaphela, futhi nivumele amehlo enu avuleke, Ukuzungezile, Uyavuma, Ulungele, Ufuna ukukunika izinto ezinhle, akulayishe ngezibusiso zaKhe ukuze uMdumise futhi ufakaze ngokulunga kwaKhe.

131 Kodwa uma uNkulunkulu ezokhuluma nje enhliziyweni yakho, futhi avule lowomnyango ukuthi amehlo akho angabona ukuthi Ulapha, nokulunga kwaKhe, Uzokulayisha ngakho. Umkhuleko wami ungukuthi uzovula inhliziyo yakho kulobubusuku, ukuqonda kwakho, uvule inhliziyo yakho yokukholwa, uvule umnyango wobugovu, uvule umnyango wokunganaki, uvule umnyango wenzondo esenhliziyweni yakho, bese uvumela uKristu angene futhi abe iNkosi noMbusi ongcwele phezu kwempilo yakho.

Asikhuleke, namakhanda ethu ekhotheme.

132 Nkulunkulu oPhakade noBusisiwe, izethameli ezimangalisa kangaka, besingakhuluma nje, kubonakala kanjalo, ubusuku bonke, kodwa ihora liyaqhubeka. SiyaKubonga ukuthi Usangqongqotha emnyango wenhliziyo yomuntu. SiyaKubonga ukuthi Usathanda ukungena futhi udle futhi uxoxisane nathi noma iyiphi inkinga esinayo. Uma kuyisono, Uyokuxoxisana nathi; uma kungukuthi sinokuziqhenya, Uyokuxoxa lokho, usinike ikhambi; uma kungukugula, Wena uyiNyanga eNkulu emi emnyango, ingqongqotha; uma kungukusilela kokuqonda, Uzovula amehlo ethu. "Uma umuntu esilele ukuhlakanipha, makacele uNkulunkulu." Lowo ngumBhalo, Baba, futhi siyakukholwa ukuthi yiqiniso laKho.

133 Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi khona manje ukuthi Uzongqongqotha ezinhliziyweni eziningi, lezo, yonke inhliziyo enesidingo, kwangathi uMoya oNgcwele waKho emnyango manje, angqongqothe futhi athi, "Mntwana, noma ndoda, vula umnyango wakho futhi Ngizongena futhi ngixoxe lenkinga nawe. Uma ufuna umusa omningi, Ngizokunika wona; uma ufuna ukukholwa okuningi, Ngizokunika khona; uma ufuna amehlo akho okuqonda ukuba avulwe, Nginomuthi wokugcoba wawo. NgiyiNyanga eNkulu. NginguYe Owagcina ukudla kwama-Israyeli kuyo yonke iminyaka engamashumi amane yohambo. Ngalondoloza izingubo zabo, zaze azangaguga."

134 Futhi kwakukhona isiThako somuthi nokusetshenziswa kwawo esisodwa kuphela esikhwameni esikhulu sikaDkt. Mose. O Nkulunkulu, ukuba-ke abantu bebengafunda lesosithako somuthi nokusetshenziswa kwawo kulobubusuku, uma odokotela baseMelika nasemhlabeni wonke bebengabona kuphela isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo ukuthi uDkt. Mose, abantu abangaphezu kwezigidi ezimbili, wabaletha bedabula ehlane, amakhulu ezingane zizalwa njalo ebusuku! Abantu abadala, kepha nokho baphuma ehlane, kungekho noyedwa obuthakathaka phakathi kwabo.

135 Ukuba-ke odokotela bethu bebengathola lesosithako somuthi nokusetshenziswa kwawo na? Baba Nkulunkulu, silapha esut'kesini laKho kulobubusuku, isut'kesi laKho lezithembiso nezibusiso. Futhi yilendlela okufundeka ngayo, Baba, njengoba ngikufunda: "NgiyiNkosi ephulukisa zonke izifo zakho." Lokho kuyakunakekela. YiZwi laKho, yisithembiso saKho. Vula ukuqonda, Nkosi, kwabantu kulobubusuku ukuthi bazoqonda. Vula inhliziyo yabo futhi makuthi Ube yiNkosi yabo, uMbusi wabo, hhayi kuphela uMsindisi wabo, kodwa iNkosi noMbusi wabo, uNkulunkulu wabo, ukuze balawulwe nguMoya oNgcwele waKho. Ngokuba siyakucela, eGameni leNkosi uJesu, iNdodana yaKho.

136 Amakhanda ethu ekhotheme, ngizobuza lombuzo nje, futhi ngiyacela nonke gcinani ikhanda lenu likhotheme. Ngezinye izikhathi umngane oyisoni unokuzwa okuncane nje. UNkulunkulu uyasizonda isono, kodwa Uyasithanda isoni, Wanikela ngempilo yaKhe.

137 Mngane oyisoni emagumbini achichimayo, noma ehholo elikhulu lokuqala, ufuna Yena angene kulobubusuku na? Ngabe Ungqongqothile na? U...Niyazi Angeke...Uma ungqongqotha emnyango womunye umuntu, futhi bebengeke bakuvumele ungene, ubungeke usabuyela emuva, kodwa hhayi Yena. Mhlawumbe Ungqongqothile iminyaka, kodwa ngesinye isikhathi Uzokwenza ubizo lwaKhe lokugcina. Ubungathanda ukuMngenisa kulobubusuku na? Akekho obukayo. Phakamisa isandla sakho, mngane oyisoni. Ngeke ngiphinde ngikucele ukuba wenze, vele uphakamisele isandla sakho kuNkulunkulu.

138 UNkulunkulu akubusise. Omunye umuntu na? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, wena, wena, wena, wena. Mngane oyisoni (UNkulunkulu akubusise.), ngale egumbini elichichimayo, phakamisa izandla zakho nje. Nomaphi ngale ngakulawomafasitela, futhi noma yikuphi esakhiweni lapho ukusakaza kwethelevishini kungena khona manje, phakamisa isandla sakho nje, uNkulunkulu uyasibona. "Yebo, Nkosi, ngi—ngiyaKudinga, manje ngizoKwemukela njengoMsindisi wami."

139 Uthi, "Mfowethu Branham, ngabe lokho kusho noma yini lapho uphakamisa izandla zakho na?"

140 Awu, kwenza isinqumo, kuphakathi kokufa nokuPhila. Akuxakile kakhulu, nguwe nje okukholwayo. Sizama ukukwenza ufanele utadishe ikhathekizima iminyaka eyisithupha, futhi ufanele uhambe izinyanga eziyisithupha ekuvivinyweni; leyo yimfundiso eyenziwe ngumuntu.

141 "Ozwa amaZwi aMi, futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade, futhi akasoze eza ekwaHlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni," lapho ekholwa.

142 Uma ukholwa, phakamisa isandla sakho nje, uthi "Yebo, Nkosi, yiba nomusa kimi, manje ngiyakholwa." UNkulunkulu akubusise lapho, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle. "Manje ngiyakholwa, Nkosi; Siza ukungakholwa kwami." UNkulunkulu akubusise emuva lapho, mnumzane. UNkulunkulu akubusise.

143 Omunye umuntu na? UNkulunkulu akubusise ngapha, mnumzane, ngakwesokudla sami, emuva ekhoneni. Angikabuki uhlangothi lwami lwesokudla okwamanje, phakamisani izandla zenu uma kukhona noma ubani emuva lapho obengathanda ukuthi, "Nkosi Jesu, vula . . . Ngenza inhliziyo yami manje ngehlisa isibambo, kade ngivaleleke ngenqwaba yobugovu isikhathi eside. Mhlawumbe kusasa, noma ngolunye usuku, kodwa kulobubusuku ngidonsela emuva isibambo, ngifuna Wena ungene." Uzokwenza ngokushesha nje lapho uphakamisa isandla sakho; futhi awukwazi ukuphakamisa isandla sakho, ngaphandle uma Ekubiza.

144 Ukuba-ke ubungomunye walabo uhlobo olungasoze lwamuzwa uNkulunkulu na? Niyazi, kukhona abanye abantu . . . UNkulunkulu, engathandi ukuba kubhubhe namunye, kodwa kukhona abanye abantu abangasoze basindiswa, hhayi ngoba uNkulunkulu engakufuni, kodwa uNkulunkulu, ngokwaziphambili, wayekwazi.

145 Bangaki phakathi lapha kulobubusuku osevele engamaKristu, futhi u (UNkulunkulu akubusise, nsizwa.), osevele ungamaKristu futhi, kodwa awuholi uhlobo olufanele lwempilo njengomKristu na? Wena yithi, "Jesu ngena futhi uthathe umnyango wobugovu, ukuziqhenya, noma ngabe kuyini endleleni, futhi uvule umnyango wami kulobubusuku." Ningaziphakamisa izandla zenu na? UNkulunkulu anibusise. Lokho ku—lokho kulungile. UNkulunkulu anibusise. O he, eziningi, amashumi amathathu, izandla ezingamashumi amane. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Impela, iNkosi iyakubona.

146 Bangaki oke waba . . . ? UNkulunkulu akubusise lapho, mfo osemncane. UNkulunkulu akubusise, nsizwa. "Bengihlukile, Mfowethu Branham, angikaze ngiphile impilo yomKristu ephelele. Ngifuna uNkulunkulu athathe iminyango yami khona

manje futhi ayishwibe ivuleke, athathe konke ukuziqhenya, nobugovu, nezwe kuphume kimi. Ngiyazi ngiMemukele njengoMsindisi wami, kodwa ngifuna ukuba ngumKristu ozinikele ngokugcwele. Ngikhulekele, Mfowethu Branham, manje ngiphakamisa isandla sami, futhi ngithi, 'Nkulunkulu, nginikela impilo yami kuWe.'"

147 UNkulunkulu akubusise, nenekazi eliselincane. UNkulunkulu akubusise, dade. UNkulunkulu abusise intombazane encane lapha, insizwa ngapha, intombazanyana nomfanyana emuva lapho, insizwa ngemuva, nalomfowethu phansi lapha. Yebo, uNkulunkulu akubusise ngemuva, futhi. Kunjalo. Phansi lapha, mnumzane, iNkosi ibe nawe.

148 Manje ngizobuza omunye futhi umbuzo nisakhothamise amakhanda enu: Bangaki phakathi lapha obengathi, "Mfowethu Branham, ngifundile eBhayibhelini, kade ngikulalele ebusukwini obumbalwa obedlule, ngiyezwa ukuthi uJesu Kristu Wazazisa kanjani kumaJuda ngokwehlulela umcabango womuntu othiwa uNathanayeli."

149 Futhi uNathanayeli wathi, ngenkathi Emtshela ukuthi wayengubani, watshela uPetru ukuthi igama lakhe lalingubani, nabafundi nalabo, kwathi nje AngaZazisa, amaJuda aMqonda, futhi athi, "Leso yisibonakaliso sikaKristu. Wena unguKristu, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu, Rabi."

150 Futhi ngenkathi Enza lesisimangaliso esifanayo futhi watshela owesifazane ongumSamariya, ngenkathi Ezazisa Yena uqobo kumaSamariya, nowesifazane wayenamadoda amahlanu, futhi Wamcela amanzi, waMtshela ukuthi umthombo wawujulile futhi Wayengenalutho lokukha, Wathi, "Hamba, ulande indoda yakho ize lapha."

151 Wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi UngumProfethi. Siyazi lapho uMesiya efika, leso yisibonakaliso sikaMesiya, Uzokwenza lezizinto. Kodwa UnguBani na?"

Wathi, "NginguYe okhuluma kuwe."

152 Wazazisa Yena uqobo kumaSamariya ngaleyondlela. Manje, kungani Engazazisanga Yena uqobo koweZizwe na? Wabatshela ukuba bangayi koweZizwe. Lolo yilolusuku. Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

153 Wena uthi, "Nkosi, ngikubhekisisile, kodwa kulobubusuku. . .mhlawumbe bekujwayeleke kakhulu kimi. Mhlawumbe kulobubusuku, Nkosi, uma nje Uzovula amehlo ami okuqonda futhi ugcobe amehlo ami ngokubona kokomoya, makuthi mina, Nkosi, ngibone uBukhona baKho kulobubusuku futhi ngazi futhi ngiqonde ukuthi ngiphila ngaphambi nje kokuba izwe lihlangane nesiphetho salo." Amasputniki namabhomu na. . .Bathi phakathi nonyaka bazothumela umcibisholo ovuthayo enyangeni. Lowo ngumbhedo. YiBabiloni lesimodeni. Aniboni ukuthi sisesikhathini sokuphela na?

154 Uthi, "Nkosi, vula amehlo ami ukuba ngiqonde." Ningaziphakamisa izandla zenu namakhanda enu ekhotheme na? "Vula amehlo ami, Nkosi, mangiqonde." UNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle. Lokho kuhle. UNkulunkulu akubusise. Kulungile. UNkulunkulu akubusise emuva lapho, mnumzane. UNkulunkulu abusise umfowethu oyikhaladi lapho. Phumula . . . Kunjalo. UNkulunkulu akubusise emuva lapho, mfowethu, impela. "Vula amehlo ami, Nkosi."

155 "Nansi i . . . Nansi inhliziyo yami, nasi sonke isihluthulelo, nansi yonke into, vula nje, Nkosi. Makuthi . . . Wena yiba yiNkosi, Wena busa ukukholwa kwami, Wena busa imizwa yami, Wena busa amehlo ami—ami, Wena busa konke, Nkosi. Ngithathe nje, Nkosi, ngilapha. Mangizinikele ngokugcwele." UNkulunkulu anibusise ngale emagumbini, achichimayo, kanjalonjalo, iNkosi inibusise.

Manje asikhuleke.

156 Baba waseZulwini othandekayo, ngishumayela ubusuku bonke, siyathanda ukukwenza, khuluma kubantwana baKho lapho bedla khona. Futhi kuyisibusiso esikhulu ukuvumela uMoya oNgcwele ungene futhi uzondle ngeZwi, manje, lokho akusikho konke, Nkosi. Sibonga kakhulu ukuthi Unqumile ngisho nalokho ekungakholweni.

157 Kodwa, Nkosi Nkulunkulu, Yenza iZwi laKho libonakaliswe, Wena fakazisa ukuthi iZwi liyiqiniso ngokuLibonakalisa. "Hambani niye ezweni lonke futhi nibonakalise amandla kaMoya oNgcwele kuzo zonke izizwe. Bhekani, Mina nginani njalo. Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza; emininginí kunale niyakuyenza; ngokuba Mina ngiya kuBaba. Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani, kini kuze kube sekupheleni kwezwe." Akumangalisi uPawulu wayengathi, "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade."

158 Busisa lababantu. Ngiyazi ukuthi laba abaphakamise izandla zabo basindisiwe, ngiyabazi labo abanemehluko, kuzocaciswa, nalabo abangaqondanga, amehlo abo azovuleka kulobubusuku, ukukholwa kwabo kuzokhululwa futhi lolu kuzoba ngolunye lovuthondaba olukhulu ukwedlula zonke esake sazibona e, lemvuselelo. Siphe khona, Baba.

159 Manje, kimi uqobo, nginikela inhliziyo yami, konke okwami kuWe, imizwa yami, ubumina. Khuluma, Nkosi, futhi wazise abantu ukuthi Wena unguKristu nami ngiyinceku yaKho. Ngokuba ngiyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

160 Uzizwa ukahle na? Lokho kuyathandeka, dadewethu. Asicule nje ivesi elilodwa lalelo. Niyathanda ukucula na? Manje bukani, ungaba nawo onke amaculo akho amancane owafunayo, amajubili amancane, nginike uhlobo oluyifeshini

endala, ngiyifeshini endala nje, ngi—ngiyakuthanda. O, he! Anikuthandi lokho na?

Ungangedluli, O Msindisi omnene,
Yizwa ukukhala kwami okuthobekile.

161 Ukhona owaziyo ukuthi ubani owalibhalayo na? Impela, uFanny Crosby; wayeyimpumputhe. Niyayikhumbula indaba na? Ngenkathi ababhali bamaNgisi befika futhi babefuna abhale amanye alamaculo esimodeni amaculo othando, obekuyoba kuhle namhlanje, kodwa wenqaba ukubhala noma yini enye ngaphandle kwamaculo ezenkolo, futhi omunye wabo wathi, njengoba ababili babo babekhuluma naye, "Uma kukhona iZulu futhi uya kulo, awusoze wambona uKristu. Ukuba-ke wawuphuphuthekile ngenkathi ufika lapho na? Khona-ke ini . . . ? UbuyoMazi kanjani ukuba ubusaphuphuthekile na?"

162 Futhi wathi, "NgizoMazi. NgiyoMazi, nakuba ngiyimpumputhe, nokho ngiyoMazi." Futhi waphenduka wayeseqala ukuzwa indlela yakhe ngapha nangapha edabula endlini, nokuphefumulelwa kwamshaya kuleliculo:

Ngiyokwazi, yebo, ngiyoMazi,
Futhi ngihlengiwe ngohlangothi lwaKhe ngiyoma;
NgiyoMazi, ngiyoMazi
Ngemilobo yezipikili ezandleni zaKhe.

163 Wathi, "Ngiyazithinta izandla zaKhe, futhi ngizoMazi." Impela.

164 Noma yimuphi owesilisa noma owesifazane oke wenzela uNkulunkulu noma yini, bashwibe inhliziyo yabo yokukholwa yavuleka futhi bamela uKristu ngobuqhawe. UNkulunkulu aniphe khona.

Ungangedluli, O Msindisi omnene,
O, yizwa ukukhala kwami okuthobekile;
Ngenkathi abanye . . .

Wonke umuntu akajoyine manje.

Msindisi, Msindisi,
Yizwa ukukhala kwami okuthobekile;
Lapho Ubabiza abanye,
Ungangedluli.

165 Manje, Akayikukwedlula, Akazange edlule noma ubani, Uyakuzwa ukukhala kwabo. Ngifisa sengathi bengingaletha bonke abagulayo emsamo futhi ngedlule ekwahlukaniseni umoya, uma iNkosi izokuvumela. Angazi ukuthi Izokwenza.

166 Bangaki osesakhiweni kulobubusuku ongakaze abe komunye wemihlangano yami ngaphambilini na? Ake sibone izandla zenu. Bukani nje. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Yingalesosizathu nginabehlukene ukuba ngikhulume ngaphambili (Ngiqagele nonke niyichazile inkonzo ngaphambi

kokuba ngingene, nikwenzile na?), ukuthi omunye uza kanjani ukuzokwethula ngaphambi kokuba ngize emsamo, inkonzo. Angizisho ukuthi ngingumphulukisi, bangane, angikwazi ukuphulukisa, akekho omunye umuntu ongaphulukisa.

167 UMfowethu Oral Roberts, indoda enkulu kaNkulunkulu, kodwa akakuphulukisi, uvele nje abeke izandla phezu kwakho futhi acele uNkulunkulu. uMfowethu Valdez, uMfowethu Allen, namadoda amaningi nje amakhulu, umelusi wenu uqobo lapha, namadoda amakhulu ensimini akhulekela abagulayo kodwa akukho namunye wabo ophulukisayo. Manje, bangabashumayeli, bangathatha iZwi futhi baLishumayele.

168 Angisuye umshumayeli, ngi . . . Anginamfundo, ngakho angikwazi ukushumayela, niyakwazi lokho manje, kodwa iNkosi engiphe khona kuwuhlobo olwehlukile lwenkonzo, yinkonzo yokubona imibono.

169 Bangaki owaziyo ukuthi uNkulunkulu wethembisa ukubeka lokho eBandleni na? Bangaki owaziyo ukuthi iziphiwo nokubizwa kungaphandle kokuphenduka na? Bangaki owazi umehluko ukuthi isiphiwo sokuprofetha asisuye umprofethi na? Impela. Isiphiwo sokuprofetha sizokwehlulelwa ngababili noma abathathu ngaphambi kokuba sinikezwe, kodwa umprofethi uyazalwa, ISHO KANJE INKOSI, kusukela ebuntwaneni. Niyabo?

170 IBhayibheli lathi, "Kuqala bangabaphostoli." Ngabe kunjalo na? Awu, abaphostoli, sibabiza kanjalo namhlanje, *isithunywa senkolo*. Lokho ngokokuqala, ukubiza okuphakeme kunakho konke yisithunywa senkolo. Kusho ukuthini ukuthi *umphostoli* na? "Othunyiwe." Kusho ukuthini ukuthi *isithunywa senkolo* na? "Othunyiwe." Izithunywa zenkolo, abaprofethi, abafundisi, abelusi, abavangeli. Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuqinisile na? Awu, sifanele sibe nabo bonke. Abanye abelusi, abanye abafundisi, abanye abavangeli, abanye yizithunywa zenkolo nabanye abaprofethi.

171 Manje, sinalezozinto eBandleni. Zi . . . Zingezani na? Ngabe i . . . ? Ngabe . . . ? Umphostoli uwubizo oluphakeme kunalo lonke, isithunywa senkolo wubizo oluphakeme kunalo lonke, umprofethi, kanjalonjalo, kwehle. Kodwa abehlukile, bonke baziyizinceku zikaNkulunkulu behlezi ndawonye ukuqinisa nokuhlanganisa uMzimba kaKristu ndawonye.

172 Ngenkathi uJesu esemhlabeni, Akazishongo ukuthi ungumphulukisi, Wazisho ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu, futhi wathi uBaba wayekuYe. Bangaki okwaziyo lokho na? Bangaki owaziyo ukuthi Washo kuJohane oNgcwele 5:19 Akenzanga lutho waze Wa . . . uBaba waMkhombisa ukuthi akenzeni na? Wabona lokho uBaba ayekwenza, wayesehambake futhi wakwenza. Wakusho lokho. Wayengenakuqamba amanga, WayenguNkulunkulu. Niyabo?

173 Ngakho Akazange enze nesisodwa isimangaliso, waze kuqala Wabona umbono lokho uBaba aMtshela ukuba akwenze. Abantu bayoza kuYe, Uyolazi igama labo. Wayebatshela ukuthi yini eyayingalungile, ababekade bekwenza. Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuqinisile na? Bangaki owaziyo ukuthi leyo yindlela Azazisa ngayo Yena uqobo na? No-Israyeli waMqonda ngalokho, wathi, "Leso yisibonakaliso sikaMesiya." Bangaki owaziyo ukuthi iBhayibheli liyakusho lokho na? UJohane oNgcwele, isahluko 1.

174 Bangaki owaziyo ukuthi leyo yindlela Azibonakalisa ngayo Yena uqobo esizweni samaSamariya na? Wazi kanjalo-ke lona wesifazane, wangena watshela abantu eSamariya, wathi, "Wozani, nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini uMesiya Lona na?"

175 Uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, Wenza okufanayo izolo, namuhla, naphakade. Ubungakukhipha kanjani ukuphila esihlahleni sama-apula futhi ukufake esihlahleni samapentshisi, hlobo luni lokuphila, besiyothelani isihlahla samapentshisi na? Ama apula. Niyabo? Khipha ukuphila kwesoni, bese ufaka ukuPhila kukaKristu lapho, kuzothela izithelo zikaKristu. Ngabe kunjalo na?

176 Wathi, "Mina ngingumVini, nina ningamagatsha." Umvini awutheli isithelo, uhlanza—uhlanza amagatsha, namagatsha athela isithelo uma lingelihle, igatsha elinempilo. Uma inqwaba yemivini isongelwe kulo, nezimfundiso ezigqamile, nezinto kusongelwe kulo, kunqamule konke ukuzungeza kwamanzi, ngeke kube yilutho. Kodwa uma kungelihle, igatsha elinempilo, liyoveza izithelo zomvini. Ngabe kunjalo na?

177 Awu, iBandla lingamagatsha, Yena unguMvini, ngakho ngokoqobo Lizofanele liveze ukuPhila kwaKhe. Uma Enza lokho futhi enza izinto ezifanayo kulobubusuku ebandleni Azenza ngaphambi kokubethelwa kwaKhe nokuvuka, bangaki abazothi, "Ngiyakholwa ngokweqiniso," nina abaqala ukufika, "Ngikholwa ngeqiniso ukuthi Uvukile kwabafileyo uma Ezozibonakalisa Yena uqobo kulobubusuku ngeBandla laKhe, ngokufanayo nje njengoba Enza ngenkathi Elapha emhlabeni na?" Phakamisani izandla zenu nizokwenza yini, ezethamelini na? Lokho kuhle, lokho kuhle ngempela. Kwangathi iNkosi ingasipha khona.

178 Ngifuna ukukhulekela laba (Ngikhumbuze othile.) emva kokuba uMoya oNgcwele esegcobile. Manje, ngi . . . (Uwakhiphile amakhadi omkhuleko na? Hhe? Ukhiphe liphi namhlanje na? U-W.) Bakhipha ikhadi lomkhuleko u-W, futhi ngichazile ukuthi kanjani . . .

179 Lapha ngizokhombisa abaqala ukufika: Bangaki phakathi lapha ofuna ukukhulekelwa kulobubusuku na? Yiba qotho. Kukhona okungalungile, nifuna ukukhulekelwa, phakamisani

izandla zenu, yonke indawo esakhiweni, noma ngabe ukuphi, noma kuphi. Okune kokuhlanu kwezethameli. Awu, ubani ozoba ngowokuqala na? Asikwazi ukufinyelela kwabaningi kakhulu. Imibono, owodwa nje wenza buthakathaka iNdodana kaNkulunkulu. Bangaki okwaziyo lokho na? Owesifazane wathinta ingubo yaKhe, Wenziwa waba buthakathaka. Niyabo?

180 Inkonzo yami ayisikho ukubeka izandla zami phezu kwenu, lelo yisiko lamaJuda. IJuda lathi, "Indodakazi yami ilele igulela ukufa, woza, ubeke izandla zaKho phezu kwayo, izosinda."

181 Kodwa oweZizwe wathi, "Angifanele ukuba Uze phansi kophahla lwami, khuluma iZwi nje, futhi inceku yami izophila."

UJesu wathi, "Angikaze ngikuthole ukukholwa okunjalo kwa-Israyeli."

182 Nanso indlela yokukukholwa. Mbuzeni nje. Nanti iZwi laKhe, manje, into elandelayo ukufakazisa: Ngabe Uyaphila na? Niyakholwa ukuthi Uyaphila na? Impela, Uyaphila. Futhi manje into kuphela ehlukile, Ulapha ngesimo sikaMoya esikhundleni sesimo somzimba. Bangaki okwaziyo lokho na? Nesimo sikaMoya sisebenza nge. . . Akanazandla kodwa izandla zami nezakho, akanamehlo, kodwa awami namehlo akho, akanamlomo, kodwa owami nomlomo wakho, futhi kufanele kunikelwe. UNkulunkulu usenze saba munye ukuba sibe nga*le*ndlela, nomunye ukuba abe nga*leyo*ndlela.

183 Eyami, ingxenye yami ingukuthi nje ngizinikele esiphiweni futhi nje ngibhekisise. Futhi lapho ngingesuye umshumayeli ukuba ngikhulume, ngi. . . INkosi isebenzisa amehlo ami ukubona izinto ebikhona esikhathini esedlule, ezizoba sesikhathini esizayo. Futhi ngithatha noma yimuphi umuntu phakathi lapha kulokhu, noma yikuphi lapho ofisa ukuya khona, emashumini ezinkulungwane eziphindwe kamashumi ezinkulungwane akukaze nakanye kwehluleke. Lezizinto enizibona zenzeka lapha zincane, yilezozinto ozenzayo. Angikwazi ukukusebenzisa, uwena osebenzisa lokho. Ukuba ubungenakukholwa, akukho obekuyokwenzeka, kodwa ngokukholwa kwakho. . . Awudingi ukuba phezulu lapha emsamo.

184 Kwakukhona owesifazane owathinta ingubo yaKhe, waphumela ezethamelini wayesehlala phansi, kumbe noma yikuphi lapho ayekhona, uJesu wathi, "Ukhona oNgithintile," waphenduka wayesebheka waze Wathola lapho ayekhona. Nakho lapho ayekhona, owesifazane enomopho, futhi wamtshela ukuthi ukukholwa kwakhe kwakumsindisile. Akashongo ukuthi, "Ngikwenzile." "Ukukholwa kwakho kukusindisile."

185 Manje, niliqaphelile lelogama elithi *sindisiwe* na? Igama lesiGreki *Sozo*, lapho ngiyakholwa. *Sozo*, ngokomzimba noma—noma okomoya, noma okunye kwakho. "Usindisiwe ekuguleni

kwakho, usindisiwe esonweni sakho, kokubili." Igama elifanayo yonke indlela eBhayibhelini ngaso sonke isikhathi, *Sozo*, igama lesiGreki. Manje, "Ukukholwa kwakho kukusindisile."

186 Ngabe iBhayibheli lithi UngumPristi oMkhulu na? ITestamente eLisha lithi UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Bangaki owaziyo ukuthi iTestamente eLisha lisho lokho na? Uyakholwa khona-ke uma Ephila futhi ephila nokukholwa kwakho kungaMthinta, Ubeyophendula futhi enze into efanayo Ayenza lapho ukuzimemezela Yena uqobo ukuthi usenguMpristi oMkhulu, ephila na? Khona-ke khuleka. UNkulunkulu uzokupha khona.

187 Ndawondawo sizofanele sibize. Angikwazi ukuthola umqondo wami usebenza kahle ekutheni ngibize liphi. Sibize liphi ngobusuku bokuqala na? Kusukela kwelokuqala na? Izolo ebusuku kusukela emashumini ayisishiyagalombili-nanhlanu kuya ekhulwini na? Awu, asibize kulobubusuku amakhadi omkhuleko, u-W. Thatha ikhadi lakho lomkhuleko. Libuke. Linohlamvu, u-W. Kuyini na? Ngelincane . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . IBhayibheli.

188 Manje uma—uma nje nizonginakisisa imizuzwana embalwa nje. Manje, lesi yisikhathi lapho iNkosi yethu, isithembiso Eyasenza kuphakathi kokuthi siyiqiniso, noma akusilo iqiniso. Manje, yikuphi obekuyoba lula kini na? Ukwamukela ukuphulukiswa kwakho ngesithembiso saKhe, noma uze lapha futhi uMbone enza okuthize, ufuna ukuthatha indawo yami phezulu lapha na? Niyabo? Kodwa okuyikho, Wenza nje iZwi laKhe libe yiqiniso, We—We—Wenza lonke iZwi libe yiqiniso, njalo iqiniso.

189 Manje, "Ngiyoba kini. Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza." Manje, esangweni laseSamariya, emthonjeni, owesifazane noWesilisa bahlangana ndawonye, uJesu nowesifazane waseSamariya. Wakhuluma naye imizuzu embalwa waze Wathola ukuthi yayikuphi inkathazo yakhe. UBaba waMkhombisa, impela. UBaba waMtshela ukuba enyukele eSamariya; Wayesendleleni yaKhe eya eJeriko, niyakwazi lokho. Futhi Wenyukela eSamariya, kude le nendlela yaKhe, wahlala emthonjeni. UBaba wathi, "Yenyukela lapho." Kodwa Wayengazi ukuthi enzeni.

190 Owesifazane uyaphuma, Wabamba owesifazane wase eqala ukumfundisa, wakhuluma naye. Futhi ngenkathi E . . . uBaba waMkhombisa lapho inkathazo yakhe yayikhona, Wamtshela ukuthi inkathazo yakhe yayikuphi. Futhi ngenkathi Ekwenza, wathi, "Lesi yisibonakaliso sikaMesiya." Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuyiqiniso na? Onguye izolo, namuhla, naphakade.

191 Manje, nikutholile lokho kwacaca na? Angishongo ukuthi benginguMesiya. Kuqondise lokho. Ngingumfowenu, isoni, esisindiswe ngomusa ngendlela oyiyo, ongasifanele noma

yisiphi isibusiso. Kodwa Uzofanele asebenzise omunye umuntu, Uzofanele akhethe omunye umuntu. Akukho zandla ezingcwele ngokwenele ngalokho, impela akunjalo, kodwa Uzofanele asebenzise ezomuntu othize. Akusibo ubungcwele bethu empeleni esithembela kubo, ngukufaneleka kwaKhe. Akukho ebengingakwenza, kuyilokho Akwenzile, futhi ngiyakholwa.

192 Manje, ngifuna ukunitshela, imibono ingenza ngibe buthakathaka kakhulu, ngifuna ukunitshela nisale kahle, neNkosi inibusise kahle ngempela, futhi ningikhulekele lapho ngiqhubeka. UMoya weNkosi uyasondela futhi usondela kakhulu ngaso sonke isikhathi. Bangaki onesithombe saKho manje phakathi lapha na? Bangaki osibonile isithombe na? Silandelele ezansi, kuthole ukuthi lokho kuqinisile noma qha. Lokho kuKhanya okufanayo enikubona esithombeni akuqhelile ngamafidi amabili ukusuka lapho engimi khona khona manje.

193 Wena uthi, "Mfowethu Branham, uma ubungakubona, ngingakubona na?"

194 Akusikho ngempela. Akukho namunye wabo owabona iNkanyezi ngaphandle kwezazi ezintathu. Iqembu elalinoPawulu, bezwa umsindo odumayo, kodwa abakubonanga ukuKhanya, nokuKhanya kwaba yikho ngempela kuPawulu kwaze kwavala amehlo akhe isikhathi esithile. UNkulunkulu uyembula njengoba Ethanda.

195 Manje, ngiyacabanga dade, inenekazi elimi lapha, ukuthi wena nami siyizihambi komunye nomunye. Siyizo na? Ubungaphendula nje . . . ? Ngi . . . Emva kokushumayela, ngolunye ugcobo, futhi ngifanele ngilinde lokho. Yingalesosizathu uphezulu lapha, ukuze nje ngithole umuntu ozo—ozo . . . Bengingathola ukwehlukaniswa kubobonke abantu ukuba ngikhulume kubo imizuzu embalwa.

196 Manje, uma siyizihambi komunye nomunye futhi singakaze sibonane empilweni ngokwazi kwami, ngaphandle uma ubuhlezi emhlanganweni futhi wangibuka . . . Kodwa angikwazi, uyakwazi lokho.

197 Uma iNkosi uJesu izofika manje, futhi ithi kuwe, noma yembule into ethize esempilweni yakho, mhlawumbe lokho okungalungile, lapho inkathazo yakho ikhona, uyazi angikwazi lokho, nenekazi.

198 Bangaki owaziyo, izethameli na? Lona wesifazane . . . Ngiphakamisa izandla zami, angikholelwa ekufungeni, kodwa nazi izandla zami phambi kweBhayibheli: angikaze ngimbone owesifazane, futhi akakaze angibone ngaphandle nje kokuba semhlanganweni futhi engibuka, ngiqagele, kulomhlangano lapha, ehlezi lapha engibuka. Angimazi.

199 Manje, uma ngithe, "Nenekazi, yini engalungile ngawe na?"

Futhi ubeyothi, "Nginomdlavuza." Noma "NgineTB." Noma "Nginento ethize engalungile ngami."

Ngibeke izandla zami phezu kwalo, ngithi, "INkosi ithi uzosinda. Haleluya! Qhubeka."

200 Awu, lokho kungahle kube kahle, lingahle libe nokukholwa ukukholwa lokho. "Uzosinda, unyaka kusukela namhlanje uzosinda." Belingenwaya ikhanda lalo bese lithi, "Ngiyamangala." Lokho kusalokhu kungesiso isimangaliso.

201 Kodwa uma uNkulunkulu ezobuyela phansi empilweni yalo ndawondawo entweni elaziyo ukuthi iyiqiniso, futhi angazi, bese kuthi-ke uzokwembula, malibe ngumahluleli, khona-ke lizokwazi ukuthi kuzofanele kube ngamandla angaphezu kwemvelo, futhi hhayi indoda. Ngabe kunjalo na? Ngabe lokho bekuyoba ngokulungile, nenekazi na?

202 Manje, Ubeyofanele enze ngokufanayo njengoba Enza ngenkathi Elapha emhlabeni esemzimbeni wenyama. Ubeyofanele athathe umzimba wami wenyama nomzimba walo wenyama, ukukholwa kwami eZwini laKhe, ukukholwa kwalo esiphiweni saKhe. Uma lizosondela kukho ngenhlonipho yokuzithoba, lizokwemukela.

203 Manje, liyazi ukuthi kuvela emandleni angaphezu kwemvelo. Manje, uma likholwa njengabaFarisi, "NguBelzabule," khona-ke liyothola umvuzo walo; uma likholwa ukuthi nguKristu, khona-ke lizothola umvuzo kaKristu. Manje, konke okunye kukuNkulunkulu, lokhu kukude njengoba ngingahamba njengesidalwa esingumuntu. UNkulunkulu abe nawe futhi akusize.

204 Ukuxhumana nomoya wakho nje, dade, ukubona nje ukuthi Ubezongitshelani; Angahle angangitsheli neyodwa into. Ngifuna ukukubuza umbuzo: Uyakholwa ukuthi engikushumayelile kuyiqiniso ngaYe na? Uma Engembulanga neyodwa into kimi, ubusayolokhu ukholwa uma ngikukhulekele, uzosinda, noma—noma uzothola lokho oku. . . ? Angazi ukuthi uze ngani lapha. Kodwa ubuyokukholwa, noma kanjani na? Ukuba bengingenzanga ngaphezu nje kokukukhulekela, ngakwedlulisa emgqeni, ubuyokukholwa, noma kanjani na? UNkulunkulu akubusise. Ngi—ngikholwa ukuthi ubuyokwenza.

205 Kodwa nje ukuze abantu bakwazi ukuvuka kwaKhe, kwangathi Angangipha ukuba ngazi. Bangaki, uma iNkosi izokwembula. . . ? Makabe ngumahluleli nezandla zakhe ziphakeme. Uzoba qotho ngakho, uzokwenza yini, nenekazi na? Phakamisa isandla sakho ukuze abantu bezobona. Vele ubeke izandla zakho njengokuthi, hhayi ukufunga, ukuze nje bezobona ukuthi uyaqonda ukuthi ngiqonde ukuthini. [Udade ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Yebo, ya, yebo.

206 Makabe ngumahluleli ukuthi ngabe kuqinisile yini uma Ekwenza. Angisho ukuthi Uzokwenza. Bangaki-ke abazothi,

"Lokho kuyakuxazulula kimi, ngiyakukholwa. Ngizo—ngizo . . . "? Uma iJuda belingakukholwa ngesikhathi esisodwa, umSamariya wayengakukholwa ngesikhathi esisodwa, ubefanele enzeni oweZizwe na?

207 Ngicabanga ukuthi kuzodabukisa kanjani kubantu iNkosi uNkulunkulu ebabusisile ukuba babone, futhi nokho abasoze bakwazi, kuze kube sekwedlule futhi kwahamba. Yileyondlela obekungayo kuyo yonke iminyaka, akuzukwehluka kulonyaka.

208 Uma abantu besengalizwa iphimbo lami, inenekazi liyasuka kimi, futhi ngiyalibona, lisesimweni esibi kakhulu. Lihlushwa yisimo sokwethuka. Kanti futhi, linenkathazo yenhliziyo. Akusikho lokho kuphela, kodwa linenkathazo emphinjeni walo, futhi unenkathazo yesisu. Manje malibe ngumahluleli.

209 Bekuyilezozinto Azishilo . . . ? Indlela kuphela engizokwazi ngayo ukuthi bekuyini, ngukukucosha eteyipini yami ezansi lapho. Lowo bekungesimi, bekungeke kwaba yimi. Buza inenekazi uma noma yini Alitshele khona bekuqinisile. Ngabe bekunjalo na? Vayizelisa iduku lakho nje. [Udade uthi, "Kunjalo. UNkulunkulu uyazi ukuthi kunjalo."—Umhl.] Nakho lapho okhona.

210 Uyakholwa manje na? Manje, asi . . . Asijahile. Ungacindezeli. Manje, nina eningenawo amakhadi omkhuleko ongezukubizwa emgqeni, bhekani ngapha, yibani nilokhu nikholwa nje, nithi, "Nkosi, ngiyakukholwa lokho ngenhliziyo yami yonke." Qhubeka nje ubuka futhi ukholwa. Yilokho-ke. Ungajahi nje. Thula nje.

211 Ngifuna ukukhuluma nawe futhi, nenekazi. Noma yini Akutshele yona ibiqinisile. Ngiyazi lokhu ku . . . kuthatha amandla okuqina, kodwa ungumuntu okahle. Unomuzwa omangalisayo emoyeni wakho, ungumKristu, ngiqonde umKristu ozelwe ngokusha. Awusuye owalapha nokho, ungowaseMichigan. Uthanda iBenton Harbor kahle ngempela, uyayithanda na? Igama lakho unguLydia, isibongo sakho nguSchroeder. Uyakholwa ukuthi sekuphelile kuwe manje na? Hamba ngendlela yakho, uthokoze. Nkulunkulu, yiba nomusa kudadewethu.

212 Sawubona, nenekazi? Uyakholwa ngeqiniso, uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Uma iNkosi uNkulunkulu izothola umusa kulobubusuku ukuba isho okuthile kuwe . . . ? Ngiyabona u . . . into ethize, awukwazi ukuma kahle. Ungalisiza lapho umzuzwana nje, mfowethu na? Yebo.

213 Manje, bheka lapha kimi futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho. Inenekazi lihlushwa yinkathazo yenhliziyo. Unokukhwehlela futhi, ukukhwehlela kwesifuba somoya. Kunjalo. Futhi unenkathazo yokucinana komthambo omkhulu, kusho udokotela. Yiqiniso lelo. Isizathu, akusizo izinyawo zakho, ubuthakathaka nje, kade usembhedeni izinsuku

eziningana futhi waphuma embhedeni ukuba uze lapha ukuba ukhulekelwe. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Kunjalo, akunjalo na? UNkulunkulu uzokuvuza ngalokhu.

Asikhuleke.

214 Nkulunkulu uSomandla, aMandla okuqina obuntu bethu, yipha lona wesifazane ukuphulukiswa kwakhe, ufanele abe nakho noma afe. Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzogudluza onke amathunzi futhi umuphe amandla angaphezu kwemvelo manje ukuthi angaphulukiswa. NgeGama likaJesu. Amen.

215 UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Ungangabazi nakancu. (Lokho, mthathele lokhu nje . . .)

216 Niyakholwa ngazo zonke izinhliziyo zenu na? Yiba nokukholwa nje, yilokho kuphela engikucela ukuba ukwenze. Bheka ngapha nje, kholwa. Angikwazi ukuphulukisa, uNkulunkulu unguMphulukisi. Niyizikhonzi zaKhe.

217 Sawubona? Ngicabanga ukuthi siyizihambi komunye nomunye, siyizo, nenekazi na? Angikwazi. Ungowenkolo ethize ehlukile, futhi abaningi babo bagqoka lawomakepisi amancane, abehlukene. Kodwa uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu nokuthi Wafa ukuze Asihlenge na? Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Ngikusho lokho ngezinhlonipho, njengoba nje uPetru noJohane bathi, "Sibheke," hhayi njengaYe, kodwa sithunywe nguYe.

218 Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi, asithi isibonelo nje, ukuthi uyini, noma lokho okungalungile ngawe, uzokukholwa na? Lesi yisikhathi sethu sokuqala ukuba sike sihlangane, ngiyakholwa, empilweni. Ngabe kunjalo na? UngumMennonite kwasekuqaleni nje, ngibona ikholoni yakho. Futhi uhlushwa yinkathazo yesibindi. Kunjalo.

219 Futhi lokho akukho konke enhliziyweni yakho, unenye into enhliziyweni yakho, lokho kungokomyeni wakho. Akekho lapha. Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi yini engalungile ngomyeni wakho, Akwenzayo khona manje, uzongikholwa na? Uyakhwehlela, unomkhuhlane, Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI.

220 Nkk. Miller, uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? Uyakholwa na? Buyela ekhaya, ubeke leloduku phezu kwakhe, konke kuzophela.

221 Sawubona, mnumzane? Ngiqagele siyizihambi komunye nomunye. uFiliphu wahamba futhi wafumana uNathanayeli, futhi ngenkathi emfumana, wathi, "Woza ubone ukuthi Ubani engimfumene, uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa."

Futhi uFiliphu wathi, noma, uNathanayeli wathi, "Kukhona okuhle obekungavela eNazaretha na?"

Wathi, "Woza, ubone."

222 Futhi emgwaqeni ngale, wamtshela lokho, mhlampe, ngokuphenduka kukaPetru nabanye, ukuthi Wawabiza kanjani amagama abo, wabatshela ukuthi babengobani; Wenza into efanayo namhlanje, UnguKristu ofanayo. Ngenkathi efika phezulu lapho, wayesecishe abe nomcabango wokukholwa, kodwa ngenkathi uJesu embona, Wathi, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!"

223 Siyazi, sobabili siyazi, ukuthi siyizidalwa ezifayo futhi sifanele sibhekane noKristu ngoluny'usuku. Nkulunkulu yiba nomusa kithi.

224 Uma uMoya oNgcwele uzongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzongikholwa na? Kukhona into ethize eseqolo lakho, ngumgogodla wakho, inkathazo yomgogodla, futhi unesifo samathambo. Awusuye owalapha, ungowaseChicago. Unenye into engqondweni yakho, ukhuleka mayelana nayo, kade ukhuleka ngayo isikhashana impela, ngowesifazane, ngudadewenu. Akekho eChicago, useCleveland. Unenkathazo yenhliziyo, nodaba lwengqondo. Uyakholwa na? Hamba, ukuthole ngendlela okukholwe ngayo, mfowethu, eGameni leNkosi uJesu.

225 Sawubona? Siyizihambi komunye nomunye, angikwazi, uNkulunkulu uyakwazi. Awukho lapha ngesingawe, ulapha ngomunye umuntu, ogula kakhulu, idolobha elikhulu kakhulu, eChicago, unethumba ebuchosheni, ulindele ukuhlinzwa. Thumela leloduku, ungangabazi nalokho okukholwayo, yileyondlela okuzoba ngayo.

226 Nkulunkulu nikeza izibusiso zalokho akucelile. Amen.

227 (Ngabe sesibe nabathathu okwamanje na?) Ngenhlonipho yokuzithoba, ngenhlonipho yokuzithoba, ngiyacela, umzuzu nje. Niyabo, kufika endaweni lapho uMoya oNgcwele... Niyabo, uKristu, umuntu waMthinta, futhi kwaku...Wathi Waba buthakathaka. Ucabangani ngami na? Isizathu kuphela engingama isikhathi esidanyana ngoba Wathi, "Emininginki kunale niyakuyenza." Ngumusa waKhe.

228 Niyakholwa ukuthi uKristu ulapha na? Bangaki okholwayo ukuthi nguMoya waKhe uvumela lokhu ukuba kwenziwe na? Khona-ke busiswa. Ungaba nakho okucelayo uma nje uzokukholwa.

229 Ngiyisihambi kuwe, ngiyethemba, nenekazi. Angikwazi, uNkulunkulu uyakwazi. Uma Ezokwembula ukuthi iyini inkathazo yakho, uzoMkholwa na? Uma siyizihambi komunye nomunye, ungaziphakamisa nje izandla zakho *kanje* na?

230 Manje zethameli, sobabili singofakazi phambi kweZwi likaNkulunkulu. Uma uMoya oNgcwele uzokwenza lokhu kanye futhi, ngabe nonke nizokholwa, niMethembise ukuthi nizokholwa na?

231 Nakhu okuyikho: Kungokwento enhle, lokho ngukuthi uzama ukuhamba noKristu, ufuna ukuhamba eduze naYe. Ube nokwehla nokwenyuka kwakho, ukuhlubuka, ukungena nokuphuma. Yilokho okufunayo ukuhamba eduze noNkulunkulu. Leyo yinto efanelekile. Ukukholwa kwakho kuzanyazanyiswe yinto ethize, yabangela ukuba uphazamiseke kabi. Lelo yiqiniso. Ucabanga ukuthi uNkulunkulu ubengembula kimi ukuthi yini ephazamise ukukholwa kwakho na? Okudingayo umbhaphathizo kaMoya oNgcwele.

232 Nakhu okuyikho: Yingenxa yokuthi ufuna ingane, futhi ube nokuphuphuma kwezisu, futhi awukwazi ukuthwala ingane yakho, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Uzonikela konke kuYe manje, nikela inhliziyo yakho nakho konke na?

233 Nkulunkulu othandekayo, phezu kowesifazane ozisolayo oza ngokuzithoba, ngibona lelothunzi lilenga phezu kwakhe, ngicela Wena, Nkulunkulu oThandekayo, phezu kwezisekelo nje zokukholwa kwakhe ukumnika lokho akucelayo njengamanje. Kwangathi yonke inhliziyo, yonke iminyango ishwibeke ivuleke kakhulu, futhi kwangathi angaMemukela njengamanje ngakho konke akudingayo. Lokhu ngiyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

234 Yiba ngumahluleli. Kunjalo. Phakamisa izandla zakho uma lokho bekuqinisile, noma ngabe bekuyini. Manje uyakholwa na?

235 Kuthiwani ngani ezethamelini na? Senikulungele ukukholwa na? Kuthiwani ngawe ngapha komugqa na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Nina eningenawo amakhadi omkhuleko, ngifuna nibuke ngapha, ngifuna nikholwe ngayo yonke inhliziyo yenu. Khulekani.

236 INgelosi yeNkosi yathi kimi, "Uma uthola abantu ukuba bakukholwe, khona-ke ube qotho lapho ukhuleka, akukho lutho oluyoma phambi komkhuleko."

237 Ngingathanda ukuthola abanye emgqeni ngamunye uma bengingakwazi, uma uNkulunkulu ezokuvumela. Yibani nokukholwa, bantu. Lobu ubusuku bethu bokugcina.

238 Yebo, nanti inenekazi lihlezi khona phakathi lapha, lingibuka ngqo emahlombe, unenkathazo esifubeni sakho. Kunjalo, nenekazi, wena ohlezi khona lapho, ufake izibuko, izinwele zakho zikanywe zabhekiswa phansi. Ubunenkathazo yesifuba, ubungenayo na? Ziphefumulele, ujule. Uzwile ukuthi ngitheni: U*bune*nkathazo yesifuba, awusenayo manje, ukukholwa kwakho kukusindisile.

239 Angikwazi, ngiyakwazi yini, nenekazi na? Angikaze ngikubone. Uma lokho kunjalo, sukuma ume ngezinyawo zakho, angikaze ngikubone, akaze ngibe nokuxhumana nhlobo. Nanto. Hamba uye ekhaya manje, ususindile, uJesu Kristu uyakuphulukisa, uyakusindisa.

240 Kuthiwani ngaloluhlu phakathi lapha kulesisigaba na? Ake sithi ukuza siqhubeke kancane. Nizokholwa na? Ubani othe *amen* ngaleyonkathi engimzwile na? Wena, nesakho. . . ufake isigqoko esibomvu na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu, noma, inceku yaKhe na? Lelogama liyabakhuba abantu. Ngiyisihambi kuwe, angikwazi, kodwa uma uzongikholwa, uNkulunkulu uzokuphulukisela lesosifo samathambo.

241 Usiphakamiseleni isandla sakho, uhlezi ngakuye na? Ufuna ukuphulukiswa enkathazweni yomgogodla, awufuni na? Futhi isizathu uphakamise isandla sakho, nobabili niza ndawonye, futhi nobabili ningabaseCanada, anisibo na? Anisibo abaseMelika, ningabaseCanada. Buyelani eCanada futhi nisabalalise izindaba ezinhle. UKristu uyanisindisa.

242 Yiba nokukholwa nje, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ungakwemukela.

243 Ucabangani, nenekazi na? Ngabe lokho kukushaye kahle nje ukuba ukholwe eNkosini uJesu na? Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Unesidingo sikaKristu ukuba akwenzele okuthile na? Uyakholwa uma Ezokwembula kimi, uzokwemukela na? Khona-ke inkathazo yakho yomtshazo izokushiya. Ibiyileyo-ke inkathazo yakho. Uma lokho kunjalo, sukuma ume ngezinyawo zakho uma siyizihambi futhi singazi—sazi omunye—omunye—omunye nomunye. Ngabe kunjalo na? Kulungile, khona-ke kwemukele.

244 Uyakholwa na? Omunye phakathi lapha yiba nokukholwa, ungangabazi, kholwa.

245 Inkathazo isekhanda lakho, inenekazi, elinezinwele ezimhloshana lihlezi lapho, ikhanda elimpunga. Uyakholelwa kuKristu na? Uyakholwa ukuthi Angangitshela ukuthi yini ebangele leyonkathazo yekhanda na? Kusuka egesini. Kunjalo. Uma ukukholwa, kunjalo. Phakamisa izandla zakho uma lokho kunjalo. Angikwazi, ngiyakwazi na? Angikaze ngikubone empilweni yami ngokwazi kwami. Lelo yiqiniso, akusilo na?

246 Ini. . . ? Ngikwazi kanjani kunoma yikuphi okwehlukile na? Nakho lokho kuKhanya kulenga phezu kwakho khona manje, Kubhobokele embonweni.

247 Nakhu Kuhamba, kuhamba kuwelele enenekazini elilandelayo, inenekazi lesibili, elilandelayo elihlezi emuva lapho ekugcineni. Yebo. Ubuzibuza ngaleyonkathi, ubungenjalo na? Kuphezu kwakho. Ngifuna ukuba qotho kuwe, yiba qotho kimi, kukhona umuzwa kuwe khona manje sengathi awukaze ube nawo ngaphambili, omnandi ngempela, umuzwa othobekile. Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho. Khona-ke umfutho wakho wegazi ophakeme uhambe nakho.

248 Unokukholwa. “Uma ukholwa, konke kuyenzeka.” “Uma ukholwa,” yilokho kuphela Akucelayo.

249 Ucabanga ukuthi uNkulunkulu uzoyiphulukisa leyongane enesibhono, ayiphilise na? Awu, kukholwe. Ungangabazi, futhi ube nakho okucelayo.

250 Uzokukholwa, nawe, mfowethu na? Lokho kuba nokwethuka kuyakushiya, futhi. UNkulunkulu akubusise.

251 Ngicabanga ukuthi lokho kungaphesheya kwesakhiwo. Uyakholwa na? Ucabanga ukuthi uKristu uzokuphulukisela lesosifo samathambo futhi akusindise na? Hamba, ukholwa, kuzakwenziwa.

252 Uma ubuyoMkholwa, lesosifo sikashukela besizohamba, ihomoni elawula ushukela emzimbeni ihambe, ubuyosinda. Uyakukholwa na? Khona-ke hamba ukukholwa. UNkulunkulu akubusise, njengoba ukholiwe.

253 Ngenkathi usukuma, uzwe ukuthi umhlane wakho bewehlukile. Uphulukisiwe uhlezi lapho.

254 Usemusha kabi, kodwa unenhliziyo enokwethuka. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyisindisa na? Hamba ukholwa manje. Amen.

255 Ngenkathi ngithi inkathazo yeqolo kowesifazane emizuzwini embalwa edlule, kukushayile, futhi, akuzange na? Uphulukiswe khona lapho emgqeni. Manje hamba ngendlela yakho uthokoza. Ungangabazi lutho, kukholwe futhi uphile, uma ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

256 Uyakholwa, nawe na? Ukholwa yinto efanayo, futhi kholwa ukufuthelana nezinto kuzokushiya, futhi usinde na? Hamba ngendlela yakho, hamba ngqo endleleni uthokoza.

257 Asithi, "Makabongwe uNkulunkulu." Niyakholwa na? Niyakholwa ngenhliziyo yenu yonke na? Ngabe Wenza kahle zonke izinto na? Ngabe Unguye izolo, namuhla, naphakade na? Niyakukholwa ngesizotha ngayo yonke inhliziyo yenu na?

258 Khona-ke ngizonicela ukuba nenze okuthize: Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye umzuzu nje, ngizonikhombisa inkazimulo kaNkulunkulu. Ningangabazi, yibani nokukholwa. Ngiyazi . . . Angisangene, kodwa ngiba buthakathaka kabi, ngifanele ngime umzuzu nje.

259 Ngethemba ukuthi uNkulunkulu ukuqinisekisile enginitshele khona ukuthi kuyiqiniso. Akukho lutho kimi, Mkholweni. Akunandaba noma ngabe uyangithinta, thinta Yena manje. Niyabo? Ngabe U . . . ? Uzo—Uzokufakazisa.

260 Manje bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, lowo ngumBhalo, iBhayibheli lathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; uma bebeka izandla zabo," izandla zabo, "phezu kwabagulayo, bayakusinda."

261 Ngale ekuchichimeni, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye uma nigula futhi nidinga. Ngizonikhulekela. Uma

nikholwa emkhulekweni wami, yibani nokukholwa manje. Njengoba ukhothamisa ikhanda lakho, ngifuna ukufaka emlonyeni wakho amazwi azohlula udeveli khona manje, akhulekeni nje njengoba ngiwaphinda namakhanda enu ekhotheme:

262 Nkulunkulu uSomandla, Mdali wamaZulu nomhlaba, Mqalisi wokuPhila okuPhakade, Mnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, ngihawukele, ngisekudingeni umusa waKho namandla aKho okuphulukisa, ngiphulukise, O Nkosi, futhi phulukisa umuntu engibeke izandla zami kuye. Yiba nomusa kubo, Nkosi, ngiyazwelana nabo ngokuba bayagula, nabo.

263 Manje ngiyakholwa ukuthi UnguKristu ovukileyo ekhombisa phakathi kwethu izibonakaliso ezinkulu nezimanga Owathembisa ukuthi Uyokwenza. Yiba nomusa kimi, futhi ngizoKukhonza ngayo yonke inhliziyo yami inqobo nje uma ngisaphila. Futhi ngomusa waKho, kulobubusuku ngiyaKwemukela. Ngoba Wethembisa, ngiyakholwa. Manje sengiphulukisiwe, ngiyakukholwa, ngiyakwemukela. Angisayikumlalela uSathane, nhlobo. Ngizodumisa uNkulunkulu ngokuphulukiswa kwami, ngokuba ngemivimbo kaJesu manje sengiphulukisiwe.

264 Zigcineni nje nivaleleke ngaphakathi, nilokhu nizivalele ngaphakathi, nihloniphe ngokuzithoba. Nikhulekile, nisho amazwi afanele. Enhliziyweni yakho nje, uzwe ukulunga kwaKhe kwehla, uzizwele lezozihluthulelo ziphendula lowomnyango phakathi lapho, nalokho kukholwa owake wakufuna manje sekuyadedeleka, Into ethize ikutshela, “Kukhona Into ethize lapha eduze kwami, Kukhona okungenza ngiphile. Ubuhlungu bekhanda lami abusekho. Inkathazo yami yesisu isinyamalele. O, ngizizwa ngehlukile ezithweni zami, izingalo zami, impilo entsha iyangena.”

265 Kugcineni engqondweni yenu lokho manje, ngenkathi ngisacela udeveli, eGameni likaJesu, ukuba asuke kini; lowo ngudeveli oyokwenza ukungabaze noma ngasiphi isikhathi.

266 Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, ngiza kuWe eGameni leNkosi uJesu, ngicela Wena ukuba ube nomusa futhi uxolele ukungakholwa kwethu.

58-0209E UMnyango Ngaphakathi KoMnyango
ESouth Bend Gospel Tabernakele
ESouth Bend, E-Indiana E-U.S.A.

ZULU

©2026 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org